## UHLOBO LWENDABA

- Lolu uhlobo lombhalo obizwa nge**novelana.**
- Lolu wuhlobo lombhalo **omude** ohlukaniswa **ngezahluko.**
- Njengayo yonke eminye imibhalo, inovelana yakhiwe yizinhlaka ezahlukene esingabala kuzo:

**Abalingiswa** (characters), **izigameko** (incidents), **udweshu** (conflicts), **ivuthondaba** (climax), **ipholavuthondaba** (anti climax), **isizinda** (setting)**, izindikimba** (themes), **izifundo** (lessons), **njll**

- Ukuhluzwa kwalolu hlobo lombhalo kuvamise ukuncika lezi zinhlaka ezibalwe ngenhla.

## ISIHLOKO SENDABA



### AMAGAMA ASIZA UKUCHAZA ISIHLOKO

Igama elithi **"ELOKUFA",** yigama elichaza ibizo **"ILANGA noma USUKU"** lokufa.

Igama elithi **"ALITSHELI",** lingachazwa ngokuthi **"ALUMEMEZI / ALUBIKEZELI / ALUSHO"**

**"ELOKUFA ALITSHELI" ,** Yisisho esivame ukusetshenziswa lapho sekuvele khona ukufa obekungalindelwe. Lesi sisho singahunyushwa ngokuthi "DEATH ARRIVES UNANOUNCED / DEATH DOES NOT GIVE NOTICE"

- Endabeni singalindela ukuthi kube khona umuntu **oshona kungalindele muntu** noma yena **engalindele ukuthi usezoshona**.
- Ngezinye izikhathi lesi sisho singeyamaniswa nokushona komuntu osuke esekhathazile endaweni, nokwenza abantu bazizwe bethola ukuphumula ngokushona kwakhe.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

# ISAKHIWO SENDABA

Esakhiweni sendaba sisuke sibheka **izigaba ezintathu** zokukhula kwendaba. **Isingeniso, umzimba** kanye **nesiphetho sendaba.**

**Isingeniso**
- Umbhali wethula umlingiswa omkhulu uVelabahleke Sibisi nenkinga yakhe.



Velabahleke "Vela"

**Umzimba**
- Wehlukaniswa ngokwezigaba

**Udweshu** (Conflict)
- Ukukhula kwesixakaxaka
- Ivuthondaba (Climax)
- Ipholavuthondaba (Anti Climax)

**Isiphetho**
- Sithola isixazululo senkinga esizwe ngayo esingenisweni.

**Isixazululo** (Solution)
- Ukuvezwa kwabalingiswa

## ISINGENISO

- Umbhali wethula **umlingiswa omkhulu** kanye **nenkinga asuke ebhekene nayo** *(with the problem they are facing)*.
- **Isisusa sodweshu** *(course of conflict)* sitholakala kuso isingeniso.
- Ukuqhubeka kwendaba, umlingiswa omkhulu usuke esezama **ukuthola isixazululo** *(to find a solution)* enkingeni asuke abhekene nayo.

## ISINGENISO SENDABA

- Kule ndaba umbhali usethulela umlingiswa **onguVelabahleke "Vela" Sibisi** oyinsizwa esencane esafunda isikole.
- **Zisuka nje** *(right from the beginning)* sithola **udweshu lwangaphandle** phakathi kukaVelabahleke esimthola **exabana** *(having a heated argument)* noyise **uMahlase**, ombambe oqotsheni *(caught him red-handed)* ebhema **umthunzi wezinkukhu** "insangu" *(weed / dagga)* emzini wakhe.





Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

## ISAHLUKO 1

### ISISUSA SODWESHU



- Ukubhema **insangu** kukaVela, eyibhemela **emzini kayise** *(in his father's house)* **ebe azi** *(knowing)* ukuthi ubaba wakhe akayifuni leyonto.
- UMahlase **udinwe kakhulu** *(is furious)* "ugane unwabu" ngenxa yesenzo sendodana yakhe.
- Indaba iqala lapho uMahlase **ethethisa** *(scolding)*, uVela embuza ukuthi, wathini **ngokubhemela insangu** *(about smoking dagga)* emzini wakhe *(in his house hold)*.
- Uma uVela **esebanjiwe** *(caught)*, uzama ukucisha **isinqamu sensangu** *(weed stump)* **ephaketheni** "ekhukhwini" *(in the pocket)*.
- Kubonakala sengathi uVela lo, **uyingane engalaleli** *(a disobedient child)* ngoba umbuzo kayise **ukhombisa** *(indicates)* ukuthi uke **wamkhuza** *(was reprimanded)* ngokubhemela insangu emzini wakhe **ngaphambili** *(before)*.
- UMahlase uvezwe njengendoda **enomthetho** *(strict)* futhi **enolaka** *(no nonsense)* ngoba uphethe **imvubu** *(sjambok/ a whip)*, agcina eshaya ngayo uVela ngoba engafuni ukulalela uma ethi angabhemi emzini wakhe.
- UVela **uyayibamba** *(he grabs)* imvubu uma uyise emshaya. Lokhu kwenza uyise **athukuthele kakhulu** *(drives him mad)* useze umshaya **ngesibhakela** "ngenqindi" *(hit him with his fist)*.




### OKWENZEKA ENDABENI

- **Ngemuva kokubanga imvubu** *(after fighting over the sjambok)* kukaVela noyise, uVela wagcina **eyitholile intuba** *(a chance to)* **yokuphunyuka** *(escaped)* **wabaleka** "wathi nyawozami ngibelethe"/ "wacela empunzini" **wayophuma ngesango** *(out the gate)*.
- UMahlase **wazama ukumjaha** *(tried to chase him)* kodwa uVela **wamshiya ngejubane** *(was faster)* wagcina esemthuka *(swear)*, embiza ngoSathane *(evil)* uthi **uyohamba esinda**. Uze uyamsongela ngokuthi **kuzomqoqa ukuhlwa.**
- Uma **esekude** *(a distance away)* uVela **usongela** *(threatens)* ubaba wakhe, umbiza **ngekhehla** *(an old man)*. Uthi uyabuya ntambama, ngoba usekhathele ukulokhu **ebhonywa** "eshaywa" *(tired of being beaten)* ngubaba wakhe. Uze **umkhomba ngomunwe** *(points finger at him)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UMahlase wadinwa kakhulu ngoba uVela **wayemsongela** *(threatened him)* **phambi komakhelwane** *(in the presence of the neighbours)* ababebukela **ibhayisikobho** *(a movie)* yamahhala. Waswela amandla okugxuma ahlale kuVela waze wambiza ngodoti embuza ukuthi uwasho kubani lawo mazwi.
- Sithola **isibonelo sodweshu lwangaphakathi** lapho uMahlase esekhuluma yedwa *(speaking to himself)* ethi ufuna ukumbona ukuthi uzolalaphi lo **doti** *(rubbish)* onguVela.

## UMAHLASE NOMKAKHE UMAZWIDE




- UMaZwide yinkosikazi kaMahlase **engunina kaVe la**. UVela **unguthumbu** *(last born)* ezinganeni zikaMahlase noMaZwide.
- Sizwa ukuthi uMaZwide **ubeyibukele** *(watched)* yonke **ingxabano** *(the whole heated argument)* phakathi kukaMahlase nothunjana wakhe uVela futhi uVela lo, **uyintandokazi kanina** "akaconsi phansi kunina" *(apple of his mother's eye).*
- UMahlase wafika wahlala phansi esitulweni waqala wazwakalisa **ubuhlungu bakhe** *(his pain)* **ngokuziphatha kukaVela** *(due to Vela's behavior).* Uze ukhipha amazwi **okumduba** *(giave up on him)* athi, **akasafuni ukuphinde ambone emzini wakhe** *(does not want to ever see him in his house)* ngoba usekhathele **ukudelelwa** *(be insulted)* nguye.



- UMaZwide **uyamangala** *(is shocked)* uma ezwa umyeni wakhe ekhuluma amazwi abuhlungu nathi, uma uVela **eke waphinda walubhada** *(ever set foot)* emzini wakhe, **uyombulala ngezakhe izandla** *(will kill him with his bare hands).*
- UMaZwide ubuza ukuthi **yini lena engaka** eyenziwe uVela engaze imenze **alahlekelwe yikhaya** *(to lose his home).*
- Uyazama ukuncenga uMaZwide. Ucela uMahlase ukuba **ehlise umoya** *(to calm down)* kodwa **uyamthethisa** *(he shouts at her)* ngoba uthi uvuna ingane.
- Uyabuza uMaZwide ukuthi uma **emxosha** *(kicked him out)* uVela ekhaya, **uthi akaye kuphi** *(where does he want him to go)* ngoba **phela leli yikubo** *(as this is his home).* Ucabanga ukuthi umyeni wakhe **uthathela izinto phezulu** *(acting hastily).* Ubuza nokuthi uyojabula yini uma uvela **esengasenakhaya** "esengumhambuma" *(homeless)* **njengezingane zihlala emgwaqweni** *(street kids).*



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UMazwide uzama **ukubonisa** *(to convince)* umyeni wakhe ukuba **azame enye indlela** *(try other means)* **angabonisa ngayo** *(of talking some sense)* uVela **hhayi ukumxosha** *(instead of kicking him out)*. Uyamkhumbuza nokuthi kade **ayemkhuza** *(warn him)* ngokushaya uVela, uthi uzothini uma engaya **kombika** *(report him)* **emaphoyiseni** "kwabakwasidlodlo". Sizwa ukuthi uMaZwide **wayeyibeka kahle inkulumo** *(spoke strategically)* ngoba wayeno**bugagu** bokukhuluma.
- UMahlase uvele **ungenwa ngamanzi emadolweni** "uyesaba" *(got scared)*, uma ezwa ukuthi uMaZwide ukhuluma **ngabakwasidlodlo**. Wazwakala esethi umxoshiswa **ukucasuka** *(anger)* ungoba **uyamdelela** *(disrespectful)* uVela.
- **Uyacacisa** *(Clarifies)* uMahlase ukuthi angeke phela aze axabane nomakhelwane bakhe khona lapha endaweni ebizwa nge**Wembezi** ngenxa kaVela uma engamthatheli izinyathelo ezinqala.

## AMACALA KAVELA ENDAWENI YASEWEMBEZI

- Umndeni wakwaMahlase uhlala endaweni ebizwa ngokuthi **kuseWembezi.**
- UMahlase **ukhala ngokuthi** *(complaining about)* **into ezomxabanisa** nomakhelwane *(make him fight with his neighbours)* ukuthi **ngenyanga edlule** *(last month)* uNkwali **wayezobika** *(reported)* ukuthi izingane zakhe zabona uVela **entshontsha** "eba" *(stealing)* amateki akhe e-Nike *(his Nike sneakers)* **ayenekwe** *(left to dry)* phezu kwendlu *(on the roof top)*.





- UMahlase **wawakhokha lawo** *(paid for those)* mateku ngoba **egwema ukuxabana** *(to avoid a fight)* **noNkwali.**
- Ngesonto eledlule, **unkosikazi kaNdosi** "umkaNdosi", **ubike** *(reported)* ukuthi imoto yakhe **ikhunyulwe amasondo** *(wheels were stolen)*.
- Nalapho kuthiwa uVela **wabonakala** *(was seen)* **ewaqhuba** *(pushing them)* **amasondo** eyowadayisa edolobheni. UMaZwide nguye owamncenga *(who begged)* ukuba awakhokhela nalawo Masondo *(him to pay for those wheels)*, wakhokha **imali eningi** "imali eshisiwe" *(he paid a lot of money)* uMahlase.



- Namuhla ekuseni uHlomuka, ufike ezobika **ngezinkukhu zakhe** *(his chickens)* ezikhishwe **ehhokweni** *(coop)* ebusuku, **phakathi kwamabili** *(midnight)*. **Ubufakazi** *(evidence)* bukaHlomuka buthi **amanyathelo emibhalo yamateki** *(sneaker prints)* isuke ehhokweni yahamba yaze yayongena endlini kaVela.





Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Uma uMahlase ebuza uVela ngezinkukhu, **uyaphika** *(he denies it)* kodwa **okumcasule kakhulu** yikho ukuthi **umbambe** *(he caught him)* ebhema insangu emzini wakhe.
- UMahlase ukhala ngokuthi **yiyo le nsangu** *(it is the weed)* eyenza uVela **antshontshe** "abe yisela" *(that turns him into a thief)*. **Okumenza aphatheke kabi** *(what makes him upset)* kakhulu uMahlase ukuthi uma **emthusa ngoswazi** "emshaya" *(he repremands)*, uVela **uyamsongela** "uyamsabisa" *(he threatens him)* ngokuthi **alibambe lingashoni** nokuchaza ukuthi "uzoziphindiselela" *(he will revenge)*
- **Noma kunjalo** *(even if that is the case)* kodwa uMaZwide usakhala ngokuthi uVela **akufanele axoshwe kubo** *(should not be kicked out from his home)* ngoba **zonke izingane ziyona** *(all kids makes mistakes)*. Uthi kungumsebenzi *(duty of)* wabazali **ukubonisa** *(to provide guidance)* abantwana babo baze bakhule *(until they are old enough)* babe ngamadoda. Uyamkhumbuza ukuthi naye wayewenza amaphutha eseyingane "nawe baba wawona" kodwa abazali bakhe abamxoshanga.




- UMaZwide ukhombisa ukuba umama **onozwelo** *(sympathetic)* futhi **osekela** *(supporting)* indodana yakhe **ebuhleni nasebubini** *(through thick and thin)* ngoba **uyaqinisa** *(she insists)* ekutheni **kumele** *(they must)* uVela bamhlalise phansi bese **bemluleka** *(advice him)* njengabazali bakhe ukuthi **akawuyeke** *(stop)* "ahlukane" nensangu "nalo gwayi wakhe".
- Uthi **ngasekuntshontsheni** *(as for stealing)* **akukho angakusho** *(there's nothing to say)* ngoba akekho onobufakazi *(as there is no profound evidence)* bokuthi uVela uyantshontsha. Ucela umyeni wakhe ukuba **ehlise umoya** *(calm down)*.
- UMaZwide lo **wayeyiqhalaqhala** *(well-spoken)* ekwazi ukuthambisa umyeni wakhe uma esecasukile. Kwathi noma uMahlase embuza ukuthi **uzobakhokha yini** *(whether she will pay)* "olamthuthu" *(chickens)*, **izinkukhu** zikaHlomuka waphendula ngokuthi **ngeke** abakhokhe kodwa wabe **esemesabisa** *(threatened him)* ngamaphoyisa.
- UMahlase wezwakala esekhulumela phansi yedwa. UMaZwide **wazizwa ecasuka** *(felt annoyed)* wasukuma la ayekade ehlezi khona waya koqala ukupheka.
- UMahlase wabe esehamba naye **eyocosha imvubu** *(pick up his sjambok)* ayekade eshaya ngayo uVela **ngase sangweni** *(by the gate)*.
- UMahlase **wayecasuke kakhulu** *(extremely angry)* kodwa **futhi engazi** *(not knowing)* ukuthi enzeni ngempela ngoba nomkakhe *(his wife)* wayethatha isayidi likaVela.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

- UVela lo **ungena enkingeni** *(got into trouble)* nje **akasahlali vele ekhaya** *(no longer stays at home)*. Uhlala **nodadewabo** *(with his sister)* endaweni ebizwa ngokuthi **kuseNtabamhlophe – eGoodhome**. **Isizathu sokuhlala** *(reason being)* nodadewabo yikho phela ukungazwani kwakhe noyise.
- UVela wayefunda khona **eNtabamhlophe**, eya ekhaya ngokuvakasha *(to visit)*. Ekhaya ubefike *(arrived at home)* ngoLwesihlanu **ezocela izicathulo ezintsha** *(to ask for new school shoes)* ngoba izikole sezizovulwa *(as the schools were about to open)*.



Izicathulo zesikole

- Ngemuva kokuxabana noyise, uVela wahamba waze wafika emgwaqweni lapho athola khona ithekisi eliya eNtabamhlophe kasisi wakhe.
- Ubaba wakhe **wayemlimazile** *(injured him)* ngoba ihlo lakhe laselivuvukele *(eye was swollen)* futhi **libuhlungu** "iminjunju", khumbula ukuthi wamshaya ngesibhakela uyise.
- Wangena etekisini **wakhophoza** "wabheka phansi" *(faced down)* engafuni abantu abamaziyo bambone *(did not want to be recognized)*.



eMtshezi High School

- Itekisi yahamba **yaze yayoma** *(until it stopped)* eduze kwesikole **iMtshezi High** School lapho kwakufunda khona uVela ngoba kukhona **owayecela ukwehla** *(asked to jumped off)*.
- **Ngemuva kokwehla komuntu** *(after that person jumped off)* **umshayeli wayisusa** *(the driver drove off)* itekisi engakahlali kahle phansi *(before he could sit)* uVela wagcina **esethunukala** ehlweni elase livalekile *(got hurt in his swollen eye)*. Ubuhlungu abuzwayo bamenza wahluleka ukuzibamba *(couldn't contain himself)* wezwakala **esethethisa** *(shouting at)* umshayeli wetekisi.
- Uma uVela ebona ukuthi umshayeli akazibeki phansi wakhetha ukuthula.
- Umshayeli wavele wabhoka ngolaka, wamtshela ukuthi **uzomisa imoto** *(will stop the car)* abese **emshaya leli elinye iso** *(beat his second eye)* ngoba wayesembonile ukuthi iso lakhe elilodwa lilimele.
- UVela wabona ukuthi **uzongena enkingeni** *(he will get into trouble)* uma **eqhubeka nokuqophisana** *(continue to argue)* nale nsizwa eshayela itekisi.




- Umshayeli wamenza uVela **wasaba** *(scared)* ngempela ngoba waze wambuza *(asked him)* ukuthi uyaphika yini ukuthi angamshaya. **Wagcina ethi** *(ended up saying)* ubengakhulumi nomshayeli kodwa **ubezikhulumela yedwa** *(he was talking to himself)*. Inkinga wayesaba ukuthi **uzogcina eyimpumputhe** *(end up blind)* ngempela.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

- Umshayeli waligijimisa itekisi laze layofika **ezimpambanweni zomgwaqo** *(crossroads)* oya *(towards)* eDutch naseGoodhome. UVela **wacela ukwehla** *(asked to jump off)* ngesikhathi itekisi lifika kuleyo ndawo.
- Wehla ke uVela kodwa **wayecasuke kakhulu** *(was furious)* ngoba umshayeli **wayesemkhombise** *(had indicated)* nokuthi **uzomshaya ngesibhakela** "inqindi" *(will punch him)*. Ukukhombisa **intukuthelo yakhe** *(his anger)*, **wakhiphela isibhongo** *(took out his anger on)* **esicabheni asishaya ngamandla** "wasigaklaza" *(banging the door)* wahamba sakushesha.
- **Wathatha umgwaqo** *(he took the road)* owawubheke *(heading to)* eGoodhome. Wahamba waze wafika emzini **onesango elakhiwe** *(with a gate made of)* ngohlaka **lombhede omdala** *(old bed frame)*.
- Kulo muzi **kwakunendlu enkulu** "isibhadlalazi" *(a big house)*, eyayakhiwe **ngodaka** *(mud)* futhi **ingapendiwe** *(not painted)*. Le ndlu **yayifulelwe** *(roofed)* ngothayela omdala "owawusuphuphile".



- UVela **wangqongoza** *(knocked)* endlini **engakhiwe kahle** *(not well built)* **eyayingemuva kwendlu yodaka** *(behind the mud house)*.
- Umnikazi wendlu **waqala wathula** *(did not respond initially)* kodwa wagcina ezamile ukuvula kanzima *(opened with difficulty)*.
- Le nsizwa eyayihlala kule ndlu, **yayinguntanga wakhe** *(was in the same age group as)* uVela.
- Leli **bhungu** *(young man)* lalineminyaka ethi ayibe **ngamashumi amabili nanhlanu** *(about 25 years of age)*.
- Le nsizwa **yayikhanya ngebala** *(light skinned)* kodwa igcwele *(covered in)* imidwebo ebizwa **ngamathathu** *(tattoos)* ezingalweni.
- Iphunga *(the smell of)* **lomthunzi wezinkukhu** "insangu" *(weed)* lalivimbanisile endlini yale nsizwa.
- Uma le nsizwa ibona ukuthi uVela ongena endlini yayo, **iyambingelela** ngokuthi *"Hhola man V…"* nokukhombisa ukuthi bayazana *(they know each other)*.




- Igama le nsizwa **evakashelwe** *(visited by)* uVela nguBhiza. UVela **wangena** *(got in)* **wahla ekesini likabhiya** *(sat on an empty beer crate)* khona lapho endlini kaBhiza.
- UBhiza **waqaphela** *(noticed that)* ukuthi umngani wakhe **wayeneso elivalekile** *(swollen eye)* wambuza ukuthi **ulinyazwe yini** "udliwa yini?" *(how he got injured)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UVela umchazela **ngengxabano** *(about the feud)* yakhe noyise nokuyiyo emenza abe neso elivalekile *(caused him a swollen eye).*
- UBhiza **umeluleka** *(advised him)* ngokuthi kuzofanele aye **kovulela uyise icala** *(lay a charge against his dad)* ngoba **kade aqala ukumhlukumeza** *(been abusing him for a while),* isenzo sikaMahlase usibiza ngokuthi *yi-child abuse*.
- Ufuna uVela avuke ngakusasa aye **enkambini yamaphoyisa** *(police station)* ebizwa ngokuthi **kukwaMshini, ukuyovulela uMahlase icala** "uyommangalela" *(lay a charge).* UBhiza uthi uHulumeni *(the government)* vele **akafuni** *(is against)* izingane zihlukunyezwe ngabazali.
- UVela uphendula *(in his response)* ngokuthi uyise **akasafanelwe ukuboshwa** *(can't be sent to jail)* kodwa **uzocela usizo** *(to seek help)* lapho kuBhiza umngani wakhe.




**ISIZATHU SIKAVELA SOKUZOBONA UMNGANI WAKHE UBHIZA**

- UVela **akasamukeli iseluleko** *(does not accept the advise)* sikaBhiza sokuba uMahlase **aboshwe** *(to be arrested)* kodwa ufuna **okungaphezulu kwalokho** *(wants more than that).*
- Ufuna uBhiza **amsize ukubulala** *(help him to kill)* uyise ngoba uthi uyabona ukuthi uMahlase **akamfuni** *(hates him)* futhi **uma engambulali yena kuqala** *(if he doesn't kill him first)*, uMahlase **uzombulala kuqala** *(his dad will).*
- Uthi **ukuthusana kwabo** *(their quarrel)* kuqale ngesikhathi **emfica** *(when he caught him)* **ezibhemela umthunzi wezinkukhu** *(smoking weed)* **emkhukhwini wakhe** *(in his shack)* nje nakubiza ngento engelutho.
- UVela **ukhathazekile** *(is worried)* ngomama wakhe. Uthi **unesiqiniseko** *(he is certain)* sokuthi uMahlase **njengamanje** *(as they spoke)* **ushaya unina** *(abusing his mom)* **ngenxa yakhe** *(because of him)* ngoba uyathanda **ukudubela** *(take out his anger on)* kubantu abangenacala *(innocent people)* njalo **uma exabana naye** *(whenever they fight).*
- UBhiza **akakholwa** *(does not believe)* ukuthi ubaba wakhe ubengaze amshaye kanje ngenxa nje **yokumfica ebhema** *(just for smoking).* Bagcina bebhema **insangu bobabili** *(both smoking weed)* ngesikhathi uBhiza esacabanga **indlela eya phambili** *(way forward).*
- UVela **ugcizelela** *(puts emphasy on )* ukuthi ufuna ubaba wakhe **afe** *(wanting his father dead)* kodwa **uzodinga usizo** *(will need help)* lukaBhiza. Noma **ethi uyaziba** *(trying to ignore)* uBhiza kodwa uVela **uyaphikelela** *(persists).* **Uyamcengisisa** *(he begs)* uBhiza emtshela **ngezizathu** *(providing reasons)* azibona zibalulekile nokuyizo ezimenza abone uyise **efanelwe ukufa** *(deserving to die).*



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com




- UBhiza uyinsizwa esencane **enesibindi esikhulu** *(very brave young man)* sokwenza **izinhlobonhlobo zobugebengu** *(different type of crime)*. Yingakho nje uVela ezocela usizo kuye.
- UVela **umethembisa** *(promised)* **ukumkhokhela** *(to pay him)*. UBhiza umtshela ukuthi kuhle **ayicabangisise** *(to clearly think)* lento yokubulala uyise ngoba akafuni **amsole kusasa** *(to blame him in the future)*.
- UBhiza uveza ukuthi ukubulala **akusiyo nencane inkinga** *(not a problem)* kuyena uma uVela **esemjikela** *(he turns against him)* naye **uyombulala** *(will also kill him)* alandele uyise "ulandele uyihlo kwelamathongo" *(send him to the land of the dead)*.
- UVela ufisa uBhiza **awenze ngisho kusasa** lokhu okusayo *(to perform the job as soon as possible)* **umsebenzi wokubulala** "ngifuna umkhuphule" *(I want you to kill him)*. Uthi **ukufa kukayise** *(death of his father)* **kuzoletha ukuthula** *(will bring peace)* emzini wakubo nokuyinto yena nomama wakhe abangasayazi.



Ingadla / ithuluzi / isibhamu

- UBhiza uthi **kuzomele ahlangane** *(will have to meet)* **nensizwa ebizwa** *(a guy named)* **ngoS'khulu** ukuze **aboleke ithuluzi** *(a tool)* azolisebenzisa. **Uyaqinisekisa** *(he assures)* ukuthi **angeke ambulale ngommese / ngokumgwaza** "ngeke ngimsuse ngesinkemba" *(will not stab him)*.
- **Ithuluzi akhuluma ngalo** *(a tool he is referring to)* **yisibhamu** "ingadla" *(a gun)*. Uma elithola ithuluzi kuS'khulu, uBhiza **uyaqinisekisa** *(confirms that)* ukuthi **ilanga langakusasa liyoshona** *(the following day will end)* **engasekho uMahlase** *(with Mahlase dead)*.
- UVela noBhiza **bahlela ukuya kolanda** *(plan to go collect)* **amariphothi abo** *(their school reports)*. **Bavumelana** *(they agreed)* ngokuthi bazobonana noS'khulu uma sebethole amariphothi abo eskoleni.
- Ngaphambi kokuba ahambe uVela eseya **emzini kadadewabo** ukuze afike **aphumule** "azicambalalele" *(rest a little)* **ngenxa yokuzwa ubuhlungu** *(due to pain)*, uBhiza wamcela ukuba ame kancane ngoba efuna **isiqeiniseko** *(a final confirmation)* ngokubulawa kukababa kaVela.
- UVela **wakuqinisekisa** ukuthi uyise **kufanele afe** *(has to die)* ngoba kungenjalo nguye ozombulala "nguyena ozongisusuluza" *(will kill him first)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISIVIVINYO 1

**Funda isiqeshana esithathwe endabeni bese uphendula imibuzo ngendaba.**

"Kufanele ngithi yehlisa umoya baba. Uma umxosha uVela uthi makaye kuphi ngoba yilo leli ikubo? Kahle baba ukuthathela izinto phezulu. Kuyoba kuhle yini kuwena uma uVela **esengumhambuma** njengalezi zingane ezihlala emigwaqweni? Akwenziwa njalo Mahlase..."

***[Sicashunwe ekhasini - 18]***

1.1 Nikeza **igama nesibongo** sendodana yabantu abakhuluma esiqeshini esingenhla.

1.2 **Ngubani** okhuluma esiqeshini esingenhla?

1.3 **Bhala igama lelokishi** lapho kuhlala khona laba abakhuluma ngenhla.

1.4 Chaza **isisusa sodweshu** phakathi kukaVela noyise bese usho ukuthi **uhlobo luni** lodweshu lolu.

1.5 Chaza **ukuvezwa kwabalingiswa** abalandelayo:

1.5.1 UVela

1.5.2 UMahlase

1.5.3 uMaZwide

1.5.4 uBhiza

1.6 Chaza amacala kaVela abandakanya uNkwali, umkaNdosi noHlomuka.

1.7 Thola **umqondofana** wamagama alandelayo, endabeni:

1.7.1 insangu

1.7.2 isibhamu

1.8 **Wayefundaphi** uVela futhi wayehlala **nobani** ngesikhathi efunda kulesi sikole?

1.9 Ngesikhathi uVela ebalekela ubaba wakhe wagibela **siphi isithuthi**?

1.10 Walimala **kuphi** uVela?

1.11 UBhiza noVela **banabuphi** ubudlelwano?

1.12 Chaza **indikimba yodlame nothando** esizwa ngayo kulesi sahluko. Bhala **amaphuzu amabili** ngendikimba ngayinye,

1.13 **Ucelani** uVela kuBhiza?

1.14 **Yini** efakazela ukuthi uVela noBhiza babefunda esikoleni esifanayo?

1.15 UBhiza wayedinga ukuthola ithuluzi lokwenza umsebenzi **kubani**?

1.16 Yisho **igama lethuluzi** akhuluma ngalo uBhiza.

1.17 Nikeza uVela **iseluleko ngesinqumo** sakhe ngoyise. Bhala **amaphuzu amathathu**.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISAHLUKO 2

- Udadewabo kaVela igama lakhe nguKhethiwe, **ushadele kwaNgwane** *(married to the Ngwane's)*.
- UKhethiwe nomndeni wakhe **bahlala** *(they stay with)* noVela emzini kaNgwane.
- UKhethiwe **unabantwana ababili**, uMbali kanye noThabo, bobabili **bangabashana** *(niece and nephew)* bakaVela.

### UVela ubona imoto kaMahlase emzini kadadewabo



- Uma uVela **efika kwaNgwane** *(arrived at the Ngwanes)* , **emzini kadadewabo** *(his sister's house)* ubona imoto kayise ipake **ngaphandle** *(outside)*. Ufisa sengathi ngabe selikhona ithuluzi ngoba ngabe uBhiza **useyaqeda** ngoyise.
- Ungena ngomyango ongemuva **ekhishini** *(uses the kitchen door)* ngoba akafuni uMahlase ambone *(to be seen)*.





- Wangena wavala umlomo kaMbali **ngomunwe** *(with his finger)* ngoba engafuni akhulume. Wayesaba ukuthi uMahlase uzozwa ukuthi **usefikile** *(he's arrived)*.
- UMahlase **wayelethe umyalezo** *(brought a message)* wokuthi uma bebona uVela**, bamthathe bamlethe kuye** *(to bring him home)*.
- UKhethiwe **akayithandi indlela uyise aphatha ngayo** *(how he treats)* umfowabo uVela. Uthi uma uVela onile, kumele aboniswe angashaywa. Nokuthi ngeke kusazwanwa uma engamlethi, akayizwa kahle leyo.
- UMahlase akayithandi impendulo kaKhethi, uthi uyahlupha **ngokuba nenkani** *(for being stubborn)*.
- UMahlase **uyaphikelela** *(insists)* ukuthi uKhethiwe **nomkhwenyana wakhe** *(her husband)* **bamlethe** *(bring him)* kuye uVela, eWembezi.




- UKhethiwe uthi **ngeke yena nomkhwenyana wakhe** *(she and her husband will not)* **bamlethe** *(bring)* uVela ngoba **besaba** *(are afraid)* ukuthi **uzombulala** *(he will kill him)*.
- *Le mpendulo* *(this response)* yenza uMahlase **acasuke kakhulu**.
- Uyasukuma, uyahamba **nemvubu yakhe** *(with his sjambok)* ayiphethe **engasaliphuzanga netiye** *(without drinking tea)* elalenziwa ngumzukulu wakhe uMbali.
- UMahlase ukhala ngokuthi uKhethiwe **uqophisana naye** *(back chatting/ arguing)*, futhi uyabona ukuthi **bahlangene ngaye** *(ganging up on him)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UMahlase **waphuma** *(left)* **wagaklaza isicabha** (bangs/ slams the door).
- UMbali wafika esehambile umkhulu wakhe netiye noVela waphuma lapho **ayekade ecashe khona** *(where he was hiding).*
- Uma uKhethiwe ebona **ukuvuvukala kweso** *(swelling on the eye)* lomfowabo **wababaza** *(was shocked),* wase **eyazincoma** *(commended herself)* ngokutshela uyise ukuthi yena nomyeni wakhe ngeke bamlethe uVela.
- Isenzo sikayise sokushaya uVela aze avaleke iso, **samcasula kakhulu** *(made her furious)* uKhethiwe. **Kwamdina kakhulu** *(what annoyed her the most)* ukuthi ubaba wabo wayemshaye **ngenqindi** *(fist)* umfowabo.
- UVela waqeda **ukudla kwasebusuku** *(finished dinner)* "kwakusihlwa" waya kolala *(went to bed)* **ngenxa yezinhlungu** *(due to pain),* **usibali wakhe** *(his brother inlaw)* wamfica eselele.
- **Walala ekhululekile** "inhliziyo ithe kla" *(felt relieved),* ngoba wayebona ukuthi udadewabo wayemsekela *(was on his side).*
- Lokho kwenza inhliziyo yakhe **igcwale inzondo** "igaye izibozi" *(full of hatred)* ngoba esebona ukuthi yena **akanacala** *(was innocent).* Uyise nje owayemzonda *(just hated him).*

## UVela uvakashela uBhiza ekuseni



- **NgoMsombuluko ekuseni** *(Monday morning),* uKhethiwe akazicelelanga izingane zakhe ukuba zibhekwe kwamakhelwane ngoba umalume wazo wayekhona ekhaya futhi engashongo ukuthi uzoba nendlela,
- UVela wavuka ekuseni ngehora lesithupha, wazibuka esibukweni. **Wadinwa kakhulu** *(extremely angry)* uma ebona ukuthi ukuvuvukala kweso lakhe **kwasekuphenduke kwaba luhlaza** *(blue eye).*
- UVela wayezibona **esengcono kakhulu** *(much better)* kunangayizolo *(than the day before).* Wafaka **izibuko zakhe ezimnyama** *(his sun glasses).*





- Uma efika ekhishini, wabona **ipheshana** *(a piece of paper)* elalibhalwe ngudadewabo. Leli phepha **lalimcela** *(asking him)* ukuba enzele izingane **ukudla kwasekuseni** *(breakfast)* **nasemini** *(and lunch)* ngesikhathi abazali bezingane besemsebenzini *(while they are at work).*
- Izingane zazivame ukusala **kamakhelwane** *(at the neighbours)* uma uVela engekho. Walithatha lelo pheshana walifongqa **walifaka emgqomeni kadoti** *(threw it in a rubbish bin)* waqeda lapho wageza ubuso bakhe ku-sink.
- UVela **wabona kungcono** *(thought it was best)* ukugqoka **ngokushesha** *(quickly),* ukuze ahambe abashana bakhe besalele *(while sleeping).*



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- **Wayehlele** *(he planned)* ukuqala aye esikoleni ngoba **kwakungekude** *(was not to far)* nalapho ehlala khona, bese ebuya **enzela ukudla** *(and prepare food for)* abashana bakhe.
- **Ngemuva kwalokho** *(after that)* wayezobe eseya **kohlangana** *(to meet with)* noS'khulu.
- Waphuma wahamba, waze wafika **kwaMshengu kubo kamngani wakhe uBhiza**. Wamfica **elungiselela ukubhema** *(preparing to smoke)* wona **umthunzi wezinkukhu** *(dagga)*.
- Bakhumbuzisana **ngesivumelwano** *(agreement)* sabo ababesenzile **ngayizolo** *(the previous day)* maqede bazibhemela umthunzi wezinkukhu ngophondo oluncanyana olubizwa **ngebhodwe** *(marijuana bong)*.



**Ibhodwe (marijuana bong)**

- Ngesikhathi besabhema, uBhiza wavuvuzela **impushana yesidakamizwa** *(powdery drug)* ebizwa **ngengidi** *(mandrax)* wadonsa wase enika uVela . UVela **uyamkhumbuza** *(reminds him)* ukuthi yena **akayibhemi ingidi** *(he doesn't do this kind of drug)*.
- UBhiza wamncenga ukuba abheme naye ngoba **babenomsebenzi omkhulu** *(they had a big project)* okwakufanele bawenze.
- UBhiza **uyamphoqa** *(forced him to)* ukuba abheme futhi **uyamsabisa** *(he threatens him)* uthi akabheme **noma yikanye** *(just once)* ngoba uthi bayizinyoni zandawonye *(birds of the same flock)*.
- **Wagcina ebhemile** *(ended up smoking)* uVela, kodwa **isidakamizwa** *(the drug)* esasifakwe nguBhiza **asimphathanga kahle** *(did not treat him well)*.
- **Ngemuva kokubhema** *(after smoking)* **wazizwa sengathi ikhanda lakhe liyaduma** *(felt his head spinning)* waphinde wazizwa sengathi **uhamba emkhathini** *(walking on space)*.
- Wayengasakwazi ngisho **ukuphakamisa ikhanda** *(couldn't lift his head up)* **ngenxa yokudakwa** *(due to being high)*, wagcina ngokulala embhedeni kaBhiza. **Wakhohlwa** *(he forgot)* ngisho ukuthi kwakufanele ayokwenzela abashana bakhe ukudla.
- UVela wakhohlwa ngisho nokuthi **wayehlele ukuya esikoleni** *(he planned to go to school)*.




## UBHIZA UYAGQEKEZA

- UBhiza wayephume washiya uVela **edonsa ugwayi loyo owawunempushana** *(smoking that powedery stuff)* .
- Uma **ebuya** *(on his return)* **umfica elele** *(he had passed out)* umbuza ukuthi walala kabuhlungu, yini inkinga? **Ngeshwa** *(unfortunately)* **akayitholanga impendulo** *(there was no response)* ngoba uVela wayelele "wayehudula izikhumba".



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

- UBhiza wamshiya kanjalo uVela **elele** *(sleeping)*, wahamba waya emzini othile **okwakutshalwe umbila** namazambane kuwo *(with millie and potatoe garden)*.
- Uma efika kulo muzi, **wanqonqoza** *(he knocked)* **ebiza igama likaVela** *(calling Vela's name)*. **Akayitholanga impendulo** *(there was no response)* wajabula kakhulu uma ethola ukuthi **kwakungakhiyiwe** "isicabha singahluthulelwe" *(door unlocked)*.




- Phela uBhiza lo **wayaziwa** *(was known)* **ngokugqekeza imizi yabantu** *(for house burglary)*. Namuhla **kubukeka sengathi** *(it looks like)* **uzogqekeza** *(break in)* **emzini kadadewabo kaVela** *(Vela's sister's house)*. Uma engena kulo muzi **wantshontsha** *(he stole)* *i-DVD player* kanye ne-*Hi-fi music system* **wazishiya izipikha** *(left the speakers)* ngoba **wayengakwazi ukukuphatha konke** *(he couldn't carry all of it)*. Uthe uma eqeda **waphumela ngaphandle** *(got out)*, **waqalaza** *(looked around)* ukuthi **akekho yini ombonayo** *(to check the coast)*.



**I-DVD Player ne HI- FI music system**



**Isikilebha semoto**

- Wahamba uBhiza phakathi kommbila omude, waze wafika lapho kukhona khona **isikilebha semoto endala** *(an old cranky car)*.
- **Wangena kuyo** *(got inside)* wafihla **izimpahla** *(hid his goods)* zakhe ayezintshontshile, waze **wayimboza** *(covered)* impahla yakhe nangamagatsha esihlahla *(tree branches)*.
- Wasuka lapho wadlula esitolo **iSizanani MaZulu** wathenga **amaluzi amathathu** kagwayi *(loose cigarette)*.
- Endaweni yaseNtabamhlophe **kwakuyimfashini** *(was fashionable)* kubafana abancane **ukubhema umthunzi wezinkukhu** *(for young men to smoke dagga)*.
- **Waphindela** *(returned)* endlini yakhe uBhiza wafika uVela **esephapheme** *(awake)*. Wafike wazibuzisa ukuthi **akaphilile yini**? *(he was not well)*
- UVela wamtshela ukuthi inkinga yile **ngidi** ayibhemile, ivele yamubhuquzisa **wangakwazi nokwenzani** *(couldn't do anything)*. UBhiza **umduduza** *(comforts him)* ngokuthi **uzojwayela** *(he'll get used to it)* naye wayezizwa ngendlela efanayo ngesikhathi esayiqala ingidi **"sasiba njengawe sisengamathwasa"** *(we used to be like you when we were still amateures)*.
- UVela uyambuza ukuthi **uvelaphi** *(where he's been)* ngoba kade emumemeza umngani wakhe, uphendula ngokuthi **ubeye esitolo** *(went to the shop)* **eyothenga ugwayi** *(to by cigarettes)*.
- Ubuza ukuthi **usazokwazi** *(will he be able)* **ukuyolanda iriphoti** *(to collect his report)* eskoleni. UVela **uyaqiniseka** *(confirms)* ukuthi **kuzomele bahambe** *(will have to go)* ukuze babuye baye kobona uS'khulu.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UBhiza wathatha **ithawula elimanzi** *(wet towel)* **wasula** *(wiped)* ubuso kanye **namakhwapha** *(armpits)*. Waphinde wagcoba yona **insipho emakhwapheni** *(used soap as roll-on)*, **emilenzeni** *(rubbed some on his legs)* waphinde **waxubha ngayo leyo nsipho** *(brushed his teeth with the same soap)*.
- **Eseqedile ukugqoka** *(after dressing up)*, **waphakamisa umatilasi** *(lifted the mattress)* wakhipha ummese omude onamadlebe wawufaka enqulwini.



- UBhiza noVela **baqeda ukubhema** *(finished smoking)* insangu eyayigoqwe nguye uBhiza maqede bahamba **sebelibangise** *(heading to)* esikoleni.
- Bahamba **bayodlula ngasesitolo** *(went past the shop)* lapho kwakunabafana **abambalwa** *(few)*, **ababeshaya amakhwela** *(whistling)* bebingelela uBhiza **ababemsaba** *(were scared of)* futhi lokho **kwakumjabulisa** *(got him excited)* uBhiza.
- Umgwaqo ababehamba ngawo wawuzoze ubafake khona esikoleni **i-Escourt Senior Secondary**.

## UVELA ULANDA IRIPHOTHI LAKHE ESIKOLENI I-ESCOURT SECONDARY

- Esikoleni i-Escourt Secondary School **kwakuvalwe kumuncu** *(closed sadly)* **ngonyaka ophelile** *(the previous year)* ngoba abafundi **babenze isiteleka** *(went on strike)* bagcina **sebeshaye othisha** *(assaulting teachers)* ngoba **bethi bafeyilisiwe** *(claiming they'd been failed)*.
- UVela naye wayengomunye *(was one of the)* **wabafundi ababengamashoshozela** *(student activists)* alesi siteleka, **yingakho** *(that is why)* **agcina engasalitholanga** *(ended up not getting his)* iriphothi lakhe.
- **Uyafuna ukwazi** *(he wants to know)* ukuthi wasebenza kanjani **ngonyaka owedlule** "ngonyaka ofile" *(previous year)*, yingakho ezolanda iriphothi lakhe.



Indlu kanogada

- Isikole **sasesiqashe** *(had hired)* **unogada omusha** *(new security)* ngenhloso yokubuyisa **isithunzi** *(the image)* **kothisha** *(to the teachers)* **ababeshaywe yizingane** *(assaulted by the kids)* ngonyaka odlule.
- Lo nogada wayeyinsizwa **eyisidlakela** *(buff man)* futhi **ebonakala ingenawo umusa** *(not very friendly)* **ebukana kabi** *(with evil eye)*. Nguye owayenikeza **imvume yokungena** *(authorized entry)* esikoleni.
- UBhiza noVela nabo **bazama ukungena** *(tried to enter)* behamba bebhema sona isigodo sensangu esasesizophela.
- Unogada **wabavimba** *(stopped them)* ebabuza ukuthi bacabanga ukuthi bayaphi ngempela *(where they are going)*.
- Umbuzo kanogada **wabathusa** *(got them scared)* oVela noBhiza ngoba **babengawulindele** *(did not expect)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com




- UBhiza waphendula wathi ngoba **wayesebabonile** *(he had seen them)*, **kuhle abangenise** *(he better let them in)* esho **ekhipha intuthu** *(blowing out smoke)* yensangu emlonyeni.
- Lesi senzo **samcasula kakhulu** *(really annoyed)* unogada *(the guard)*, embuza ukuthi ukhuluma **efuquzana** *(while puffing)* nensangu yini **noyise** *(with his father)*.
- UBhiza wathi **ngeke aliphendule** *(will not respond to)* iphoyisa ngoba unogada **uyaphaphalaza** *(speaking out of order)*.
- Iphoyisa labatshela ukuthi **ngeke libangenise** *(won't let them in)* njengoba **bengawugqokile** *(as they were not wearing)* nje **umfaniswano wesikole** *(school uniform)* futhi bebhema insangu.
- UBhiza wakhuluma **ngokudelela** *(rudely)* ethi bona **bazolanda okuthile** *(are fetching something)* kothisha. UVela naye **wenanela** *(supported him)* ethi beze **ngodaba olubalulekile** *(an important matter)* ezama **ukuncenga** *(begging)*.
- Unogada **wacasuka kakhulu** *(extremely angry)* **wabaxosha** *(chase them away)* ebabiza **ngoskhotheni** *(calling them hooligans)*. La magama amenza wacasuka kakhulu uBhiza wagcina esebiza unogada **ngomatshingelana** *("marching on the line"- rude term for security)* ethi **abazuvinjwa nguye** *(will not be stopped by him)*.
- **Wadinwa kakhulu** *(was furious)* unogada uma uBhiza embiza **ngomatshingelana** wamshaya uBhiza **ngesiqwayi** *(beat Bhiza with his **knobkerrie**)*.
- UVela wathi uma ebona umngane wakhe **eshaywa** *(being beaten)* naye **wesaba** *(got scared)*, **wayefisa nokuxolisa** *(wished to apologise)* ngoba wayengafuni ukuzibona eshaywa izinsuku zilandelana.
- Ngaleso sikhathi uBhiza wayesedinwe **egane unwabu** *(extremely angry)*. Wakhipha **ummese wakhe onamadlebe** *(drew his knife)* ethi uzama **ukugwaza** *(to stab)* unogada.



- Unogada **waqunga isibindi** *(decided to be brave)* wawushaya ummese loyo ngesiqwayi walehleka kude le, maqede wamshaya futhi uBhiza **ezimbanjeni** *(on his ribs)* waze wazenza umuntu osefile *(until he pretended to be dead)*.
- Unogada **wajikela** *(turned to)* kuVela uma ebona ukuthi **akahambile** *(he was still there)*. UVela wahlehlela ngasemakilasini *(moved towards the classrooms)*.
- UBhiza **wasuke wona** *(messed up by)* **ngokuvula iso** *(opening his eye)* ngesikhathi unogada esaya ngakuVela, akazange esabuza **waphinda wamshaya** *(beat him again)* waze **wazixolisela** ethi *(until he apologised)* yena ubethi uyazidlalela *(he was just joking)*.

Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Unogada wamshaya waze **waphuma igazi** *(he bled)* **elokhu exolisile** *(constantly aplogising)* uBhiza ethi yena **ubezincokolela** *(insisting it was just a joke)*. Unogada wabatshela ukuthi **baluhlaza** *(they are rude)*.
- Ngaleso sikhathi **izingane zesikole** *(school children)* **ezazizobhalisa** *(that came to register)* zase zibukela **ibhayisikobho** "imuvi" yamahhala *(free movie)*.
- UVela wafisa **umgodi wokucasha** *(he could hide)* uma ebona ukuthi **kuzo lezo zingane** *(amongst those children)* ezazibukela kwakukhona **intombi yakhe** uBongiwe *(there was Bongiwe his girlfriend)*.
- Izingane **zazihleka kakhulu** *(laughing their heads off)* uma zibona uVela ehlehlela ngasemakilasini ngesikhathi unogada **ebheka** ngakuye *(looked towards him)*.
- UBongiwe **wayesedinwe kakhulu** *(angry)* uma ebona izingane zihleka *(laughing at)* **isoka lakhe leminyaka** *(boyfriend for years)* .
- Kwaze kwasiza uthisha *(a teacher came to their rescue)* **uMasikane owayeyikholwa** *(Mr Masikane who was a Christian)* nowakhuluma nonogada ukuba **abaxolele abafana** *(to forgive the boys)*.
- UNogada **wacacisa** *(clarified)* ukuthi yena **wayengenankinga** *(had no problem)* nalaba bafana ukuthi **basuke bamdelela** *(were disrespectful)*.
- UBhiza noVela **bahamba** *(left)* eskoleni. Endleleni **akekho owayekhulumisa omunye** *(there was silence as they walked)*.
- **Ukuzenza azizwe** *(to make himself feel)* **ngcono** *(better)*, uBhiza **wabuza** *(he asked)* uVela ukuthi ingabe **akavuvukele** *(swollen)* yini **ezinhlafunweni** *(on his temples)*. UVela **wamduduza** *(comforted him)* ngokuthi **akukubi kakhulu** *(wasn't too bad)*.
- **Ukuziduduza** *(to console himself)*, uBhiza wabe esetshela umngani wakhe ukuthi unogada lo umshaye **engalindele** "Yaze yandizuma le nja" *(This dog caught me of guard)*.
- Ubhiza **uyasonga** *(made threats)* uthi umantshingelana lo **uthinte umuntu ongathintwa** *(tempered with a wrong person)* nokuchaza ukuthi **uzoziphindiselela** *(will revenge)* kuye.



- UBhiza uthi kuzomele **badlule** *(walk past)* ngasesitolo iSizanani MaZulu, ukuze **baqoqe** *(can gather)* **abafana** "igenge" *(the gang)*.
- **Uyafunga** *(he swore)* ukuthi unogada uzomnqumisa okwembuzi *(will slit his throat)*.
- Uma befika esitolo batshela abafana **ngokwehlele** *(what happened)* uBhiza.
- UVela, uze **uqamba namanga** "usenga ezimithiyo" *(he spiced up the story/ lied)* uthi nelakhe **iso lilimale** *(his eye also got injured)* ngesikhathi beshaywa ngunogada.
- Abafana **balusukumela** *(took the matter seriously)* phezulu udaba lokushaywa kukaBhiza ngoba **babemhlonipha** *(they respected)* futhi **bemesaba** *(were scared of)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

kabekwamumbo

## ISIVIVINYO 2

**Funda isiqeshana esithathwe endabeni bese uphendula imibuzo ngendaba.**

"Ngiphuma esitolo, bengiyothenga ugwayi. Ingani ngikutshelile nje ukuthi ngsathi hulukuqu? Kanti ubulele yini? esho eqamba amanga. Wanikeza umngane wakhe iluzi eyodwa wathi makayokhele ahlaziye , ukuze abengophilile...

***[Sicashunwe ekhasini - 36]***

2.1 **Ukhuluma nobani** uVela, esiqeshini esingenhla? Bhala **igama nesibongo**.

2.2 UBhiza **uvelaphi** njengoba ethi ubuya esitolo nje?

2.3 **Sibizwa ngani** isidakamizwa esiyimpushana esafakwa nguBhiza ebhodweni lokubhema?

2.4 Bhala **amagama abashana** bakaVela **nesibongo** sabo.

2.5 **Wacelani** uKhethiwe kuVela ngesikhathi yena nomyeni wakhe beya emsebenzini?

2.6 **Chaza** ukuthi uBhiza **wayeyephi** futhi **eyokwenzani** kuleyo ndawo, njengoba ayeshiye uVela elele?

2.7 Thola **umqondofana** wala magama endabeni:

2.7.1 umantshingelana

2.7.2 umyeni

2.8 Thola **umqondophika** wegama "**isoka**" endabeni.

2.9 Babefunda **kusiphi isikole** uBhiza noVela?

2.10 Ucabanga ukuthi uBhiza **ungumngani othembekile**? Sekela impendulo yakho.

2.11 Chaza ukuthi **kungani** uBhiza agcina eseshaywa ngunogada wesikole? **Bhala okubili.**

2.12 Uvezwe **kanjani** umlingiswa onguKhethiwe?

2.13 Kulesi sahluko sithola **izindikimba** ezilandelayo. **Chaza indikimba ngayinye** ukhombise ulwazi lwendaba:

2.13.1 ubugebengu

2.13. 2 udlame

2.14 **Kungani** uVela ayezizwa ephoxeke kakhulu ngesikhathi izingane ezazizobhalisa zibahleka?

2.15 **Basizwa ngubani** uBhiza noVela olakeni lukanogada?

2.16 Chaza **isimo senkulumo** "ukusenga ezimithiyo".

2.17 Ngaphansi **kwesizinda** chaza **"isikhathi", "indawo",** ubhekise esahlukweni sesibili.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISAHLUKO 3

### UBHIZA UTHI AKUHLASELWE UNOGADA



Izikhali

- UBhiza **wayalela** (instructed) **iqulu labafana** *(group of boys)* ukuthi wonke umuntu **makakhiphe** *(to take out)* **isikhali anaso** *(any weapon they have)* ukuze **kuyohlaselwa unogada** *(attack the security).*



Amatshe namabhodlela

- Abafana bakhipha **izinhlobonhlobo zezikhali** *(different type of weapons)* okungabalwa kuzo **imimese, izikrudrayva ngisho nezimbazo ezincane** *(knives, screwdrivers, small axes)* imbala.
- **Ababengenazo** *(those who did not have)* izikhali batshelwa ukuba **bacoshe** *(pick up)* **amabhodlela kanye namatshe** *(bottles and stones).*




- UVela wacela **amakhadibhodi** *(card boxes)* kumama wasesitolo, waboleka nepeni lokubhala **izingwembe** *(the boards).*
- Nguye owabhala **izikhalazo** *(complaints)* ezinhlobonhlobo kulezi zingqwembe.

- UVela wacela **amakhadibhodi** *(card boxes)* kumama wasesitolo, waboleka nepeni lokubhala **izingwembe** *(the boards).*
- Nguye owabhala **izikhalazo** *(complaints)* ezinhlobonhlobo **kulezi zingqwembe** (*on those boards).*
- UVela wabanikeza izingqwembe ezibhaliwe **wabe eseqala** *(started a song)* **iculo lodumo** "ingoma yodumo" , esithi "Awuleth' uMshini Wami".
- Kwasekukhula **amakhwela ebafaneni** *(boys whistled)* ngesikhathi **begxuma** *(while jumping)* **begxoba itoyitoyi** *(in protest)*. Ababengaculi kahle babesikazwa ngommese.
- Bahamba njalo becula baze bayofika esikoleni kodwa **abazange bamfice unogada** "wayengabonwa nangokhalo" *(was no where to be found).*
- Abafana basebevumelene ngokuthi **bazoyishisa indlu kanogada** *(they will burn the guards little windy house).*
- Sekusele ibanga **elingamamitha amahlanu** *(five metres distance)* **bafike endlini kanogada** *(before reaching the guard's little house)*, bambona **ephumela ngaphandle** *(stepping out)* kungathi ubedla.
- Waphindela endlini **wabuya** *(returned with)* esehamba **negovu lenja** *(with a big dog)*





Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Uma **iqulu** *(the mob)* libona ukuthi unogada **useqhamuka nenja** *(showed up with a dog)*, **akekho owatshela omunye** *(no one warned the other)* ukuthi **makubalekwe** *(should run for their lives)*.
- Lokho kwenza uVela wacasuka kakhulu, **wababiza ngamagwala** *(called them cowards)* ethi **besaba inja eyodwa nonogada oyedwa** *(are afraid of just one man and a dog)*.
- Omunye wabafana **wajikijela** *(threw)* unogada **ngebhodlela elamshaya ekhanda** *(bottle that hit him on the head)*. Unogada wathukuthela kakhulu **wadedela inja** *(released the dog)*.
- Inja yabe **isiyamluma** *(bit)* lomfana. Iqulu lona **labaleka** "lathi nyawozami ngibelethe" *(ran away)* **ngokukhulu ukushesha** "ngokuphazima kweso" nezingqwembe zasala phansi, izingane **zesabela impilo yazo** *(protecting their lives)* eyayizulelwa ngamanqe *(that was in danger)*.




- Inja yathi **uma idedela** *(let go of)* lo mfana omunye, **yajikela** *(turned into)* kuVela njengoba kwakunguye **ishoshozela elalihamba phambili** *(forefront activist)* kule mashi.




- **Yamluma izinqa** *(bit him on the bum)* kanye **nesihluzu** *(his calf)* inja **ngeminjonjo yamazinyo** "amazinyo acijile" *(sharp canines)*, wezwakala **esememeza** *(screaming)* ezama ukuyikhuza **eyibiza ngawo wonke amagama** *(using different names)*, uSpoti..uRex...uBhova esaba ukufa *(afraid of his life)*. Yamluma **ezindaweni ezahlukene** *(in different areas)* ngisho **nemiwe** inja.
- **Yamluma izinqa** *(bit him on the bum)* kanye **nesihluzu** *(his calf)* inja, wezwakala **esememeza** *(screaming)* ezama ukuyikhuza **eyibiza ngawo wonke amagama** *(using different names)*, uSpoti..uRex...uBhova ngenxa yokubona ukuthi uzofa *(afraid of his life)*. Yamluma **ezindaweni ezahlukene** *(in different areas)* ngisho nemiwe inja.
- Wagcina **esekhala** *(crying)* futhi **exolisa** *(apologising)* uVela **esegcwele igazi** *(covered in blood)*.
- Unogada wayikhuza inja njengoba **yayisifuna nokumluma uqhoqhoqho** *(wanted to bit his throat)*.
- **Waqhubeka** *(continued to)* wamshaya **ngedonkipiri** *(knobkerrie)* unogada, waze **wabona kungcono azifise** *(pretended to die)* **njengomngani wakhe** *(just like his friend)* uBhiza.
- Unogada **wabiza amaphoyisa** kanye **ne-ambulesi**. UVela **wambopha ngozankosi** *(hand cuffed him)* khona **egxaza igazi** *(while bleeding profusely)*.
- UBhiza **wayengasabonwa** *(no where to be seen)* ngoba wayebaleke kuqala wangena **emzini owawungezansi** kwesikole *(house below the school)*.
- UBhiza **wacasha** *(he hid)* kulawondi *(in the rondavel)* wakulo muzi cishe **imizuzu eyishumi nanhlanu** *(for about fifteen minutes)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- UBhiza esacashile wezwa **umsindo** *(sound of)* **wokukhonkotha** *(dog barking)* **kwenja** wacabanga ukuthi ngekanogada.
- Uthe **uma elunguza** *(when he peeped)* **ngaphandle** *(outside)* wabona umfana omncane **wakulo muzi** *(from this household)* **ezidlalela** *(playing)*. Wacela ukuba **amphuzise amanzi** *(bring him water to drink)*. Umfana **wathuka** *(was shocked)* uma ebona **umuntu angamazi** *(a stranger)* **elawini likamalume** wakhe *(his uncle's room)*. Wahamba umfana, **wabuya namanzi** *(brought water)* **ngojeke** *(in a jug)* wawanika uBhiza.
- Esehamba uBhiza **wantshontsha** *(stole)* **umkhonto omfishane** "iklwa", likamalume womfana **wabaleka nalo** *(ran with it)*.

## UMBALI NOTHABO BASELE BODWA EKHAYA

- UMbali **yindodakazi** *(daughter)* kaKhethiwe **eneminyaka eyisishiyagalombili** *(eight years of age)*. **Umfowabo** (*her brother)* uThabo yena **usafunda enkulisa** *(is a pre-scholar)*.
- Ngesikhathi uMbali ebona ukuthi umalume wabo **akasabeli** *(was not responding)* **uma bembiza** *(when calling him)*, wagcina ezama **ukwenza ukudla** *(to prepare food)* kwakhe nomfowabo ngoba **basebefile indlala** "inkemane" *(were starving)*.
- UMbali **wabasa isitofu sikapharafini** *(lit a paraffin stove)* wabeka amanzi ngeketela ngoba efuna ukwenza itiye abazoliphuza.



- Ngesikhathi esezama **ukucisha isitofu** *(switch off the stove)*, ngebhadi **sabhamuka** *(it blew)* **umlilo wokhela ikhethenisi** *(the curtain caught fire)*.
- Umlilo wokhela netafula *(table caught fire)*, **amakhabethe** *(the cupboards)* kanye nayo yonke impahla yasekhishini *(everything in the kitchen)*.
- UMbali ebona **ilangabi** *(the flame)* kwamcacela ukuthi **sebesenkingeni** *(they were in trouble)*, wadonsa umfowabo *(pulled her brother)* **babaleka** "badla phansi" *(ran)* baya kocasha *(hide)* ngaphansi kombhede *(under the bed)*.
- UMbali nomfowabo bacasha ngaphansi kombhede **baze bazumeka** *(they fell off to sleep)*.
- **Ngesikhathi besalele** *(while sleeping)* uBhiza **owayezozifunisa** *(pretending to be looking for)* uVela izingane **zazilele zizumekile** *(kids were still fast asleep)* **ngaphansi kombhede** *(under the bed)* zangamuzwa *(couldn't hear him)*.
- UBhiza wabe esedlulela **lapho ayefihle** *(he hid)* khona **izimpahla ayezintshontshe** *(the stolen goods)* emzini kasisi kaVela.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## UBHIZA UHLANGANA NO'SKHULU

- UBhiza wathatha *i-DVD* **ayeyintshontshile** *(he stole)* kanye **neklwa waya kubo** *(went home).*
- Uma efika ekhaya **akahlalanga** *(did not stay for long)* ngoba **wayengafuni ukungena enkingeni** "aze aficwe ngamathonsi abanzi" *(get into trouble).*
- Wabe esedlulela kuS'khulu, **ikhasimende lakhe** *(his customer)* **elalithenga izinto ayezintshontshile** *(used to buy stolen good from him).*
- **Wayesezwile** *(he heard)* ukuthi umngani wakhe uVela **wayelunywe yinja** *(was beaten by a dog)* **wathathwa** *(taken by)* **yi-ambulensi** eyabe **iphelekezelwa ngamaphoyisa** *(accompanied by the police).*
- US'khulu **wayenomuzi omuhle futhi omkhulu**, ehamba ngemoto yohlobo lwe 4X4. UBhiza wafika emzini kaS'khulu washaya ikhwela kabili waphuma uS'khulu.
- US'khulu wayeyinsizwa **eyondlekile** *(buff)* ebukeka ineminyaka **engamashumi amane** *(around forty years of age).*
- US'khulu noBhiza babehlanganiswe **yibhola likanobhutshuzwayo** *(soccer).* Igama **likaS'khulu lalivele** *(His name came from)* ngoba **wayengumnikazi weqembu** *(being the owner of the club)* lebhola elalibizwa ngokuthi **oFezela.**
- UBhiza **wayeyisithenjwa** *(a trusted member)* soFezela ngesikhathi besanda **kusungulwa** *(when it was formed).*
- **Wayeka ukudlalela** *(he stopped playing for)* oFezela ngesikhathi **ephuka umlenze** *(when he fractured his leg)* kodwa wabe **esephenduka** *(became)* **umlandeli wokuqina** *(their number one supporter)* **othi akabe yimenenja** *(more like a team manager)* kuleli qembu.



oFezela FC

Iqembu likanobhutshuzwayo

- UBhiza ubiza uS'khulu **ngaleli gama** *(by this name)* ngoba nguye **owayengumnikazi weqembu** *(was the owner of his club)* lakhe lebhola.
- US'khulu **umbiza** *(calls him)* **ngoNsephe** ngoba uBhiza **wayedume kakhulu** *(was well known)* ngokushaya **amagoli** *(for scoring a lot of goals)* **engakaphuki** *(before the fracture).*
- Udokotela wathi **angaphinde alidlale** *(not to ever play again)* ibhola uBhiza ngoba umlenze wakhe **ungagcina sewunqunyiwe** *(his leg may end up amputated).*
- US'khulu umbuza ukuthi **ulinyazwe yini** "umuhluzwe yini"? *(how he got hurt)* UBhiza wamxoxela **yonke indaba** *(the whole story)* kwaze kwafika **ekulunyweni yinja kukaVela** *(how Vela got beaten).*
- **Indaba kamantshingelana** *(the security story)* yenza uS'khulu wathukuthela kakhulu.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- US'khulu **wanxapha kaningana** *(clicked his tongue in anger multiple times)* ethi lo mantshingelana **uyadelela** "uqhuba intwala ngewisa" *(is rude)* ngoba **akaqashelwanga** *(was not hired to)* ukusasazela umphakathi ngezinja.
- US'khulu ucela uBhiza **amlinde kancane** *(to wait a litte)* ngoba **kukhona afuna ukuyokwenza endlini** *(needed to go do something in the house)* kodwa uBhiza wamcela ukuba **athathe iphasela** *(take the package)* ayeliphethe ukuze **amgcinele lona** *(to keep)* **engakatholakala umuntu ozolithenga** *(while looking for a buyer)*.
- Uthe uma elivula leliphasela uS'khulu, **wathatheka** *(got interested)* ngoba i-DVD **kungeyohlobo oluphezulu** *(good quality)*. **Wayesefisa ukuyithenga** *(wished to buy it)* yena kodwa uBhiza wathi ngeke kulunge ngoba **intshontshwe eduzane** *(was stolen closeby)*.
- UBhiza ucela uS'khulu ukuba **amtholele umthengi okude** *(find a buyer from far away)*. Uyamtshela nokuthi **kukhona** *(there is also a)* ne-HI-Fi ayishiye ekhaya.
- US'khulu **uyamthembisa** *(promised)* ukuthi uzomtholela **umthengi** *(a buyer)* ngokushesha.

**UBHIZA NOS'KHULU BAVAKASHELA UNOGADA**



- US'khulu wabe **esengena endlini** *(got inside the house)* waphuma esephethe **imvubu eneqhubu** *(a sjambok with a bump)* kanye **newisa** *(knobkerrie)* alinikeza uBhiza. **Eqolo** "enqulwini" *(on his waist)* wayefake isibhamu "umlenze wekati" *(gun)*.
- Bangena emotweni kaS'khulu baqonda esikoleni. **Bapaka** *(parked)* imoto **kujana nendlu** *(a little further away)* kanogada. US'khulu wathi ufuna ukumfundisa isifundo *(to teach him a lesson)* unogada.
- Bamfica unogada **ezifundela iphephandaba** *(reading newspaper)* kodwa babengaboni ukuthi **kwakungasesiyena lo** *(it was no longer the same one)* owayesebenza emini.
- US'khulu **akabange esabuza** *(without asking)* wavela **wamshaya ngemvubu** *(beat him with a sjambok)* unogada. Wazikhalela unogada ebuza ukuthi **yini wenzeni**? Ebona ukuthi akusizi lokho wagcina esebaleka wayongena emjondolo wakhe.
- US'khulu wayembuza ukuthi uqashelwe ukuphephisa umphakathi noma ukuwulumisa ngezinja "ngemigodoyi". Wamtshela nokuthi **uzomshisa nomjondolo** *(will burn him together with the shack)* futhi **uzomdubula** "uzomchitha ubuchopho" *(will shoot him)*.
- Waziphendulela unogada ethi yena **akazi lutho** *(knows nothing)* ngoba **usanda kungena emsebenzini** *(he just started his shift)*. UDlaba wenja wayeseshintshelwe *(got a transfer)* kwenye indawo.
- US'khulu wagcina esebuza uBhiza ukuthi ingabe **nguye yini** *(he was the one)* unogada **obashayile** *(that beat them)* emini, uma eselunguza ngefasitela **waqinisekisa** *(confirmed)* uBhiza **ukuthi akusiye** *(he was not the same guard)* unogada obashayile emini lo.
- Lo nogada unomzimba omkhulu.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com



UJobe – unogada wasebusuku

- Igama likanogada owalumisa **uVela ngenja** "ngegovu" kwakunguDlaba.
- US'khulu noBhiza **bayalela** *(instructed)* unogada ukuba **alethe inja** *(to bring the dog)* leyo **ukuze bayijezise** *(so they could punish it)* khona izoyeka ukuhamba iluma abantu, kodwa unogada **wabachazela** *(explained)* ukuthi inja **ihambe** *(left with)* naye uDlaba **owayesebenza emini** *(worked during the day)*.
- **Igama lalo nogada** *(this guard's name is)* nguJobe. US'khulu **uyagcizelela** *(emphasises)* ukuthi uBhiza noVela **abathintwa** *(no one is allowed to touch them)*, uma **umuntu ebathinta** *(those who do)* **usuke ethinta** uS'khulu uqobo "ezixabanisa naye" *(asking for trouble)*.

## UBHIZA NOS'KHULU BAVAKASHELA UVELA EMTHOLAMPILO

- UBhiza noS'khulu bangena emotweni **bahamba bebheke** *(went towards)* ngasesitolo **iSizanani MaZulu**, lapho **kwakusabuthene** *(gathered)* khona **iqulu** *(the group)* **elalihlakazwe** *(that was dispersed by)* **yinja** "yigovu".
- Bafike bezwa ukuthi uVela wayethathwe **yi-ambulensi** yamyisa **emtholampilo** *(to the clinic)*, **iNtabamhlophe** oseduze *(near)* kwesikole iMtshezi High.
- US'khulu **wanqaba** *(refused)* **ukusayina irejista** *(to sign the register)* kunogada **owayesesangweni** *(at the gate)* ngesikhathi engena emtholampilo. Unogada owayesesangweni **wayegqoke** *(wore)* **umfaniswano ofana** *(the same uniform as)* **nokaJobe noDlaba.**
- US'khulu wabuza uBhiza ukuthi **akusiye yini lo nogada** *(if that was not the same guard)* obalumise ngenja emini, kodwa uBhiza **wakuqinisekisa** *(confirmed)* ukuthi akusiye *(he wasn't)*.



- **Bangena ngaphakathi** *(they got inside)* bacela ukubona uVela Mahlase, baqale **balindiswa emabhentshini** *(wait by the benches)*.
- Ngaphambi kokuba bafike ewadini likaVela baqala babona indoda **eyayikhala imemeza** *(screaming)* ngoba **iphuke umlenze** *(fractured leg)* eyacela ukuba **bayibulale** *(to end his life)* ngoba **isikhathele yizinhlungu** *(tired of so much pain)*.
- **Umhlengikazi** *(The nurse)* wababiza, **wabayisa egunjini** *(took them to the room)* elalibhalwe ukuthi "Indlu Yokuhlola" *(Examination Room)*.
- **Bamfica** *(they find him)* uVela **ebhandishwe imilenze yomibili** *(both legs covered in bandage)*, khumbula ukuthi inja yayimlume **izihluzi zombili** *(been beaten on both calfs)*.
- **Izinqe zakhe** *(his bum)* **zazimfimfa igazi** *(still had blood)*, **umunwe** *(finger)* **wasesandleni sokudla** *(from his right hand)* wawusale esikhotheni ngesikhathi elunywa yinja *(he lost a digit /got beaten off)*.
- **Wayezwa izinhlungu ezesabekayo** *(was in so much pain)*, iso elilodwa lase **livaleke ngci** *(totally closed)* **kuphuma izinyembezi esweni elilodwa** *(tears rolling down one eye)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Umhlengikazi **wabacela ukuba bamthathe** *(asked that they took him with)* ngoba **basebeqedile ukumelapha** *(they were done with him)*.
- UVela **wayengakwazi nokuzihambela** *(could not walk)*, emtholampilo bamnikeza **izinduku** *(crutches)* ezazizomsiza ukuba ahambe.

## ISIVIVINYO 3

**Funda isiqeshana esithathwe endabeni bese uphendula imibuzo ngendaba.**

> Kwanqamuka izingcingo kweqiwa, **kwakhala ubumayemaye** selilapha igovu elase likhamise umlomo walo usungaka, kuvele izinjonjo zamazinyo asabekayo. Kungathi lase litsheliwe igovu ukuthi ngubani ishoshozela lombhikisho. Ladumba uVela elashesha lamthola njengoba kwakunguye ophambili eseduzane nalo. Lapho lifika kuyena lalimluma izinqana nezihluzu , kwakhumuka izibuko ezimnyama. Wakhuza ekhuzile ezincengela enjeni.
>
> "Kahle Spoti, Rex…Rex…Nx! Bhova, fuseki Bhova…"
>
> ***[Sicashunwe ekhasini - 44]***

3.1 Phakathi kukaVela noBhiza **ngubani** owayalela iqulu ukuba liyohlasela unogada?

3.2 **Nikeza izinhlobo zezikhali** ababeziphethe ngesikhathi beyohlasela unogada?

3.3 Bhala **izikhalazo ezimbili** ezazisezingqwembeni ezabhalwa nguVela.

3.4 **Thola umqondofana** wala magama esiqeshini esingenhla.

3.4.1 inja

3.4.2 amazinyo acijile

3.4.3 itoyitoyi

3.5 **Khetha** impendulo elungile:

3.5.1 knobkerrie (amabhokolo / idonkipiri / amadevana)

3.5.2 bullies (idonkipiri / amabhokolo / amadevana)

3.5.3 salivating (indonkipiri / consa amathe / amabhokolo)

3.5.4 activisist (consa mathe / ishoshozela / igovu)

3.5.5 short spear (igovu / iklwa / izinjonjo)

3.6 **Kungani** kwase kukhala ubumayemaye kubabhikishi?

3.7 Inja yamluma **kuphi** uVela? Bhala izindawo ezimbili.

3.8 Wabalekela **kuphi uBhiza**, ngesikhathi ejahwa yinja? Yisho ukuthi **wantshontshani** kule ndawo?

3.9 **Kwakungubani isibongo** sikanogada owayesasazela iqulu ngenja?



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

3.10 **Chaza isigameko** sokusha kwekhethenisi kanye namakhabethe ekhishini lakwaNgwane.

3.11 Chaza **indikimba yesihluku** kulesi sahluko?Veza lokhu:

3.11.1 Obani abathintekayo kule ndikimba.

3.11.2 Izigameko ezigqamisa indikimba engenhla.

3.12 Chaza ukuthi **kungani** uBhiza noS'khulu bebizana ngamagama ababizana ngawo?

3.13 **Unaluphi uhlobo** lwesithuthi uS'khulu?

3.14 Unogada owashaywa nguS'khulu noVela wathi **ngowakwabani isibongo**?

3.15 **Yini** unobhutshuzwayo?

3.16 Yisho **igama lomtholampilo** i-ambulensi eyahambisa kuwo uVela?

3.17 Chaza ukuthi **uvezwe kanjani** umlingiswa onguS'khulu?

3.18 **Ngamaphuzu amabili**, chaza ukuthi uBhiza noS'khulu bamfica **ekusiphi isimo** uVela emtholampilo.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

# ISAHLUKO 4

## UMLILO EMZINI KANGWANE

- **Ngemuva kokufonelwa** *(after receiving a call)* **ngumakhelwane** *(from his neighbour)* **emazisa ngomlilo** *(informing him about the fire)* **owawusemzini wakhe** *(at his house)*, uNgwane wafika ngokukhulu ukushesha imoto isigijima **ngesikhulu isivinini** *(speeding)*.
- **Akabange esathola nethuba** *(did not get a chance to)* **lokucela imvume** *(get a permission)* **emsebenzini wakhe** *(from his work place)* ngoba inhliziyo yakhe yayisezinganeni zakhe ayezishiye khona ekhaya. UNgwane **wayezithanda ngenhliziyo yakhe yonke** *(love them whole heartedly)* izingane zakhe. UNgwane wayesebenza **enkantolo** *(at the court of law)*, **engumabhalane** *(a secretary)*.



- UNgwane wafika sekungubutatata emzini wakhe abantu **bezama ukucima umlilo** *(trying to put off the fire)* **owawusungubulangulangu** *(big flames)*.
- **Amalangabi** *(the flames)* ayesephuma ngamawindi ekhishini. Umphakathi *(the community)* wawenza **konke okusemandleni** *(did everything in their power)* ukuzama **ukubhula umlilo** *(trying to put off the fire)*.
- Umphakathi wawubhula **ngomhlabathi** *(with sand)*, **amanzi** ngisho **nangamahlamvu** *(tree branches)*.
- UNgwane wafike **wabuza izingane zakhe** *(asked for his children)* kodwa abantu **ababelapho** *(who were there)* bathi **abakaze bazibone izingane** *(denied seeing them)*.
- Umlilo wawumkhulu ngasekhishini, amanye amakamelo **ayengakathinteki kakhulu** *(were not badly affected)*. UNgwane, **wakhahlela isicabha** *(kicked the door open)* wangena ngaphakathi waqonda ekamelweni lezingane zakhe.
- Wabafica oMbali noThabo sebekhale baze **bashelwa ngamazwi** *(hoarse voices)*. Uyise wabathatha **waphumela nabo emnyango** *(took them outside)* umphakathi **wathuka kakhulu** *(was so shocked)* ukubona ukuthi kanti **bekunabantwana abebevalelekile ngaphakathi** *(the kids were trapped inside the house)*.
- **Omakhelwane** *(the neighbours)* **bamhudula** *(dragged him)* **bambeka eshashalazini** *(an open space)* elalingenayo **intuthu** *(with less smoke)*. UNgwane **walala ja** *(passed out)* okomuntu osequlekile *(as if he was unconscious)*. Izakhamuzi **zaphuthuma** *(rushed into)* **zakhumula izicathulo** *(taking off his shoes)* **zamxegisa uthayi** *(loosening his tie)*, **zamthela ngamanzi** *(pour water over him)* waphaphama.
- Izingane zakhe **zazilokhu zigone** *(holding on)* kuyena. UNgwane waya **ngokukhululeka** *(loosen up)* wagcina **esehlezi ngezinqa** *(ended up sitting on his bum)* **ebuka umuzi wakhe** *(looking at his house)* usha.



- Kusenjalo kwezwakala **umsindo** *(sirene)* **wesicisha-mlilo** *(of a fire truck)* esaqhamuka **sigijima ngesivinini** "sidla amagalani" size endaweni yesigameko. *(speeding towards the scene)*.
- **Abacishimlilo** *(the fire fighters)* bagcina **bewunqobile** *(conquered)* umlilo ngesikhathi esifishane nje.
- UNgwane **wayengawakholwa amehlo akhe** *(could not believe his eyes)* uma ebona **umonakalo** *(the damage)* **odalwe yilo mlilo** *(caused by the fire)*.
- Wabonakala **esechiphiza izinyembezi** *(shedding tears)* ebona **amandla akhe** *(seeing all his hard work)* **eminyaka** *(for years)* **esecekeleke phansi** *(parished)* ngalolu hlobo.
- UNgwane nezingane zakhe **baya emtholampilo** *(went to the clinic)* waseNtabamhlophe **ukuyohlolwa** "ukuyoxilongwa" *(to be examined)* ngabahlengikazi. Izingane zahlolwa **zasezinikwa imithi** *(given medication)* zadedelwa *(discharged)*.
- UNgwane wabuya emtholampilo **ethukuthele** ngendlela emangalisayo *(very angry)* ngoba wayefike **wezwa** *(he heard)* khona emtholampilo ukuthi uVela naye kade ekhona ezokwelashwa *(medical assistance)* **amanxeba** *(wounds)* **okulunywa yinja** *(being beaten by the dog)* nokuchaza ukuthi **umlilo uqala nje ekhaya lakhe** *(he wasn't at home when the fire started)* uVela ubeshiye izingane zodwa.

## INGXABANO EMZINI KANGWANE

- UNgwane **wafika ekhaya** *(got home)* **unkosikazi wakhe** "umkakhe" *(his wife)* esebuyile emsebenzini "etohweni" *(has been back from work)*.
- **Izwi lokuqala** *(the first word)* alisho **uBonga Ngwane** kuKhethiwe kwaba **ngukusola** *(suspecting)* uVela embiza **ngoskhotheni** *(calling him low-life)* wakubo.
- UKhethiwe **wambiza ngegama** "Bonga" *(called him by his first name)* embuza ukuthi wayezwe ngobani *(who told him)* ukuthi nguVela **owayeshise umuzi wabo** *(that Vela burnt their house from)*.
- Kwaba **ukuqala kwengxabano** *(the start of the commotion)* phakathi kwabo. UBonga **wayesola** *(accused)* uKhethiwe **ngokuphikela umfowabo** *(for taking his brother's side)*.
- UBonga wachaza ukuthi **useyazi** *(he knew)* ukuthi kusale kwenzekani *(what transpired)* ngesikhathi bona besemsebenzini
- Indaba yokusha kwendlu **isidale** *(caused)* **okukhulu ukungezwani** *(major commotion)* **phakathi** *(between)* kukaKhethiwe noBonga.
- UBonga ubona sengathi uKhethi **uyamvuna uVela** *(is taking Vela's side)*.
- UKhethi uthi uma **bukhona ubufakazi** *(if there is evidence)* bokuthi nguVela **owayedale umonakalo** *(caused the damage)*, kulungile **kuzofanele amnike izindleko** *(will have to pay him the expenses)* kodwa **uma ekhuluma ngenzwabethi** *(if it's a hearsay)* **uyaziphuphela** *(he can dream on)* akukho zindleko azozithola.






Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com




- UNgwane ukhala **ngobuluhlaza bomkakhe** *(rudeness of his wife)*, uze umthembisa **ukumshaya ngempama** *(to slap her)*.
- UKhethi **uyathuka** *(shocked)* uma ezwa **elokushaywa ngempama** *(she'll be slapped)*. Umtshela ukuthi **akuyona into elula njengoba ecabanga leyo** *(that won't be as easy as he think)* yokushaywa ngempama.
- **Besathethisana** *(while yelling at eachother)* kufika uVela, **ulethwe** *(brought by)* nguBhiza ngenye yezimoto zikaS'khulu *(in one of S'khulu's cars)*.



- Ngenxa yokuthi **kwasekuqala ukuba mnyama** "kwasekuhwalala" *(getting dark)*, uVela **wayengaboni** *(did not notice)* **ukuthi indlu ishile** *(the house got burnt)* kodwa **wayelizwa iphunga** *(he could smell)* lokusha.
- UVela wangena endlini ehamba **eqhugela** *(limping)* **ngezinduku** *(with crutches)*, **ebhandishwe** *(bandaged)* imilenze yomibili.
- **Waba ukungena nje** *(as he got in)*, uNgwane **wabe embingelela** *(greeted him)* **ngokumbiza ngoSathane** "Ya Sathane" *(by calling him Satan)*. Wamtshela ukuba aphume aphele emzini wakhe *(to get out of his house)* angaze **amlimaze kabi**.
- UNgwane **wayeselungise nenqindi** *(had prepared his fist)* ayezomshaya ngayo. UVela wabuza **kusibali wakhe** *(brother in law)* ukuthi **monakalo muni** *(what damage)* **ayekhuluma ngawo** *(was he referring to)* esho nokuthi **uyamdida** *(he's so confused)* usibali wakhe.
- UVela **waqaphela** *(noticed)* ukuthi i-Hi-Fi kanye neDVD **kwakungekho** *(were missing)* wacabanga ukuthi usibali wakhe **umsolela** *(accusing him)* **zona lezi zimpahla** *(of those items)*.
- **Waphawula** *(his comment was that)* ngokuthi yena **akayintshontshanga** *(he did not steal)* i-Hi-fi kanye neDVD. UKhethiwe noNgwane **baqaphela ngaleso sikhathi** *(only noticed then)* ukuthi kanti **kunezimpahla ezazintshontshiwe** emzini wabo *(there were goods missing)*.
- UNgwane wacabanga ukuthi uVela **uyaphahluka** *(that's slipped off his tongue)* uma ebatshela **ngempahla yabo yasendlini enyamalele** *(missing items from the house)*.
- Wazikhulumela uVela kusibali wakhe **ethi akantshontshanga lutho** *(claiming not to have stolen anything)* futhi **akazange ayishise nendlu** *(nor having anything to do with the burning of the house)*.
- UBonga **wayedinwe kakhulu** *(furious)* watshela uVela ukuthi **uma engayikhiphi impahla** *(if he isn't bringing back his goods)* yakhe uzomshaya. Lawo mazwi **azwela kuKhethi** *(did not sit well with Khethi)* owezwakala esephendula ngokuthi **ngeke amshaye uVela ekhona** *(will not beat her brother in her presence)* yena kungcono **aqale ngokushaya** *(he'll have to beat her first)* yena ngoba **wayefuna ukumshayela into engekho** *(as he wanted to beat him for no reason)* .



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com



- UKhethi wangena phakathi kukaNgwane noVela **ezama ukubahlukanisa** *(trying to split them)*. **Akabange esabuza** *(without asking)* uNgwane **washaya umkakhe** *(he beat his wife)* ngempama ngogesi wempama, emtshela ukuthi usekhathele nguyena *(he's had enough of her)*. UKhethiwe wawa wathi fofolozi phansi.
- UVela **wayelokhu ephike** *(continued to deny)* njalo kodwa lokho **kwakumcasula kakhulu** *(that really annoyed)* uBonga. Wagcina **eseshaya uVela ngenqindi** *(beating Vela)* embuza ukuthi ziphi izimpahla zakhe.
- Wavuka lapho ayewele khona uKhethiwe **wathatha isicathulo sakhe** *(used her shoe heel)* washaya ngaso uBonga **ekhanda** *(on his head)* **waze wamyeka** *(until he let go of)* uVela.
- UVela wathola **ithuba lokupulukutshela** *(got a chance to escape)*. Uma ezama **ukubaleka** *(tried to escape)* wathola ukuthi **isicabha sasingavuleki** *(door couldn't open)* ngoba **kwakukhona owayesibambile** *(there was someone holding it)* ngale *(on the other side)*.




- Owayezama ukungena **esicabheni** *(through the door)* kwakunguMahlase uyise kaVela. Uthe **uma engena** *(as he got in)* wathola ukuthi uKhethi **wayeshaya umyeni wakhe** *(beating her husband)*, wazama ukubuza ukuthi **kwenzenjani** *(what was going on)* kodwa **akayitholanga impendulo** *(no one responded)*.
- UMahlase wavele **washaya** kuKhethi **owayebhizi eshaya umyeni wakhe** *(she was busy beating her husband)* ngexhumela lesicathulo *(with her stileto)*.
- UMahlase **wamshaya kabili kathathu** *(gave her two to three strikes)* uKhethi, **waxebuka** *(retracted)* **ngokushesha kuBonga** *(quickly from Bonga)*.
- UVela ebona ukuthi kubi, **wazama ukubalekela** *(tried to run away)* uyise kanti uzozithela phezu **kwenqindi** *(a fist)* kaNgwane eyamshaya **yamlahla phansi** *(that knocked him down)*.
- Wathi ethi uzama **ukuvuka abaleke**, noyise **wamtalabha** *(hit him)* ngayo imvubu waze **wazenelisa** *(satisfied)*. Amabhandishi ayesebomvu tebhu yigazi waze walanyulelwa ukuzifisa.
- UMahlase wayezizwa enelisekile *(felt satisfied)* ngemuva kokutalabha **ihlongandlebe** *(disobedient)* elinguVela.

**ITULO LOKUBULALA UMAHLASE LIYAQHUBEKA**

- **Yamphelela indawo yokuhlala** *(was expelled)* kwaNgwane uVela, **wabe eseyohlala** *(went to stay with)* nomngani wakhe uBhiza kubo **kwaMshengu** *(at the Mshengus)*.
- Indlu yakwaNgwane yaphela ukulungiswa **ngesikhathi esithi asifane** *(around the same time as)* **nokuphola** *(with the healing of)* **kwemivimbo namanxeba** kaVela *(Vela's wounds)*.
- Ekuqaleni **impilo yayihamba kahle** *(initially all was well at)* kwaMshengu kodwa **ngokuhamba kwesikhathi** *(as time goes by)* izinto zashintsha.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com



- Inkinga eyamenza **wakhumbula ekhaya** *(missed home)*, kwaba ukuthi **wayelamba** *(hunger)* aze aswele ukudla **uma esebhemile** *(after smoking)*.
- UVela noBhiza babeziphilisa **ngokuntshontsha izinkukhu** *(stealing chickens)* **zakomakhelwane** *(from the neighbours)*.
- Omakhelwane **bagcina bebonile** *(eventually noticed)* ukuthi kunenkinga base bakha **amahhoko ezinkukhu** *(chicken coops)* zabo nokwenza kwabanzima kakhulu kuVela owagcina **esenezinwele esiphuphuzelayo** *(malnutritioned hair)* ngenxa yendlala.
- UVela **wakhumbula** *(remembered)* ukuthi impilo yakhe **ingaba ngcono kakhulu** *(could be a lot better)* **uma engabuyela ekhaya** *(if he were to go back home)* kodwa ubaba wakhe nguye **oyisiphazamiso** *(is an opstacle)*.
- Wakhumbula ukuthi **itulo lakhe** *(his plan)* lokubulala ubaba wakhe lagcina **lingaphumelelanga** *(not a success)*.
- **Wanquma** *(he decided)* ukukhumbuza uBhiza **nowalusukumela phezulu** *(took it seriously)* udaba lokubulawa kukaMahlase. UBhiza wathi **kuzofanele** *(they will have to)* **bavuke ngakusasa** *(get up the following day)* baye kobona umngani wabo uS'khulu ukuze **abasize ngethuluzi** *(to assist with a tool)* **abalidingayo ukwenza lo msebenzi** *(they need to accomplish their mission)*.
- UBhiza **uphumelela obala** *(came clean)* ukuthi **uyodinga inkokhelo** *(will need payment)* kuVela uma eqeda ukwenza umsebenzi, noVela **uyathembisa** *(made a promise)* ukuthi **uyomklomelisa** *(will award him)* umngani wakhe.



- **Ngakusasa ntambama** "sezibuya inhlazane" *(the following afternoon)*, uVela noBhiza baya kobona uS'khulu. **Bamfica ebhizi** *(found him busy)* **azama ukulungisa** *(trying to fix)* **enye yezimoto zakhe** *(one of his cars)*.
- Wabatshela ukuthi **bafike ngesikhathi esihle** *(came right on time)* ngoba **ufuna ukubathuma edolobheni** *(go get something for him in town)*.
- Ngaphambi kokuba abathume babika **udaba** *(the matter)* ababeze ngalo. UBhiza wamkhumbuza ukuthi wayeke waboleka **isibhamu** "inganono" **ngaphambili** *(before)*.
- US'khulu **akakhombisanga nkinga** *(had no problem)* **ngokubanikeza isibhamu** *(giving them the gun)*, kodwa wathi **bangalokothi** *(must never)* bayokhomba abantu **badlwengule** *(use it to rape)* **izingane nezalukazi** *(children and elderly people)*. US'khulu wathi **ubazonda kabi** *(he hates)* abantu **abahlukumeza** *(that abuses)* abantu besifazane nezingane.



- US'khulu wabanika imali *(gave them money)* **ayihlukanisa kathathu** *(divided it into three)*, imali **yokugibela ithekisi** *(for catching a taxi)*, **imali yokudla** *(for buying food)* kanye nemali **yokuthenga izinsimbi** *(for buying the car parts)* azidingayo zemoto.

## UVELA NOBHIZA EDOLOBHENI



- Uma befika edolobheni, **banquma** *(they decided)* ukuqala **endaweni yokucima ukoma** *(tavern)* ebizwa ngePlough Tavern.
- Bazithengela **ugologo** "isimehlane" *(vodka)* seSmirnoff **esihamba nama-ayisi** *(with ice)* kanye nobhiya **ababili ababanda qa** *(two icy cold beers)* bezenza izigwili "izicebi" *(pretending to be rich)*.
- **Amanzi amponjwana** "utshwala" **abangena egazini** *(got into their system)* **babamnanjana,** *(tipsy)* **bagcina sebedakiwe** "sebeqhuba imbuzi" *(drunk)*.
- **Ngemuva kwalokho** *(after that)* bahamba baya emagalaji ukuyothenga **izinsimbi zemoto** *(car parts)* ababezithunyiwe *(they were asked to get)*, ucilo **wathuka ezishaya endukwini** "kwaqondana" bazithola izinsimbi kwaze **kwasala ushintshi** *(there was some extra cash left)*.UBhiza waveza **umbono** *(an idea)* wokuthi kungcono bathenge **ingidi** "imandrax" *(the drugs)* ngoba umsebenzi abadinga ukuwenza **udinga isibindi** *(they need courage)*. Phela uBhiza wayethe umsebenzi wokubulala uMahlase wawuzokwenzeka **kubo lobu busuku** *(that night)*. Basuka lapho baya *(they went to)* eFordaville **ensizweni yeNdiya** *(Indian gentleman)* eyayidayisa **izidakamizwa** *(drugs)*.




- Le nsizwa **yajabula ukubona** *(was happy to see)* uBhiza yasho nokuthi **kade yamgcina** *(it's been a while)*, yabe isibanika **umthunzi wezinkukhu** *(gave them marijuana)* **ukube babheme** *(to smoke)* ngesikhathi besalinde *(while waiting)* **isidakamizwa** ababezosithenga.
- Bathenga baqeda bahamba ngoba **nelanga lase lishonile** *(it was late in the afternoon)* kwazise **babesanomsebenzi okwakufanele bawenze** *(they had work to do)*.
- Bahamba **baya erank** *(went to the taxi rank)* **ngezinyawo** *(by foot)* ngoba **nemali yokugibela babengasenayo** *(no longer had money)*, bafika kuxokozela "kuphithizela" *(chaotic)* kakhulu erenki njengoba kwakuyilanga **langoMgqibelo**.
- **Okhondathi** *(que marshalls)* babememeza abantu abaya **ezindaweni ezifana** *(to places such as)* noMhubheni, Wembezi, Zwelisha, Shayamoya, Mvundlweni, Zimfeneni, Zinyosini, Dutch naseGoodhome **ukuze bagibele** *(to get in the taxis)* bayemakhaya ngoba ilanga selishonile.
- **Kulayini** *(on the que)* **wamathekisi aya** *(for taxis to)* eWembezi kwakukhona **uSizwe noSenzo ababengomakhelwane** *(who were neighbours)* bakaVela elokishini.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com




- USenzo noSizwe **babebuya amatohweni** *(were returning from their temporary jobs)* ababewabamba khona **edolobheni eKomgad**.
- **Ngesikhathi bemile kulayini** *(while waiting on the que)* babelokhu bebuka **umame oyisangoma** "owayegqoke imiyeko" *(their eyes were fixed on the lady sangoma)*. Lo mame wezwakala esekhuluma **ethi** (saying) **kukhona abathakashana ababili** *(there are two witches around here)* **abafuna ukugila imihlola** *(planning to do something evil)*. Wayelokhu ebelesele ngokuthi abantu abavume "vumani bo!"
- UBhiza noVela **nabo babekulayini** *(were on the que)* wamathekisi **aya *eDutch*** *(to Dutch)* owawuseduze nolayini **waseWembezi** lapho kwakumi khona uSenzo noSizwe.
- Ngesikhathi uVela noBhiza bemile kulayini **babehlela** *(were planning)* ukuba **babambe uSenzo noSizwe inkunzi** *(to rob Sizwe and Senzo off their money)*.
- UVela noBhiza laba **ababebizwa ngabathakashana** *(were the witches)* abafuna ukwenza imihlola *(that wanted to do something evil)* **ngumame oyisangoma** *(by the lady sangoma)*.
- Kusenjalo, uBhiza **waqonda** *(went to)* kuSenzo noSizwe **wabathinta emahlombe** *(touched them on the shoulders)* wathi "Yebo madoda!" *(Yes,gents!)*
- **Bathuka** *(were shocked)* oSizwe ngoba **babengamazi** *(didn't know)* uBhiza.
- UBhiza **wabatshela** *(told them to)* ukuthi **abakhiphe imali** *(give him all their money)* **ngoba uyazi** *(he knows that)* ukuthi **baholile namuhla** *(they got paid)*.
- **Wacasuka kakhulu** *(extremely angry)* uSizwe wezwakala esethi, "Uyahlanya skhotheni ndini *(you are mad you scambag)*. Angeke ukubone lokho…" *(over my dead body/ that will never happen)*
- **Akabange esabuza** *(without waisting time)* uBhiza wavele **wamshaya ngempama** *(slapped him)* enkulu.
- USizwe wayeshaya ikarati, **waba ukukubona lokhu** *(noticing this)* uBhiza **wadonsa ummese** *(drew his knife)* wakhe onamadlebe **wazama ukugwaza** *(tried to stab)* ngawo uSizwe **esifubeni** *(on the chest)* **owasindiswa** *(saved by)* ukuvika ngezingalo eyasikeka waphuma igazi uSizwe.
- Umame oyisangoma **wamemeza** *(screamed and said)* wathi "ngike ngasho, Shwele Nkosi yamakhosi!" *(I told you so, Almighty God!)*
- USizwe wacosha **iwisa lesangoma** *(sangoma's knobkerrie)* **wajaha ngalo** *(went after)* uBhiza **owayesewele umgwaqo** *(who'd already crossed the street)* **ebaleka** "wacela empunzini" *(flee)* nabantu **bemhleka** *(laughing at him)* bembiza **ngamanzi egwala** *(calling him a coward)*.
- USizwe **wamjaha** *(went after him)* **wambhonya ngewisa emhlane** *(hit him on his back)* uBhiza, **owabona ukuthi kubi** *(noticing that things were bad)* **nakhu ukufa** *(he was about to die)* sekuseduzane, **wayesebaleka engathi akasanyatheli phansi** *(ran even faster)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- USizwe **wacosha iwisa** *(picked up the knobkerrie)* waliphindisela *(returned it to)* esangomeni wafike **waxolisa** *(apologised)*.
- Isangoma sasondela kuSizwe sakhipha iphepha elinsundu *(brown paper)* elalisonge **umuthi oyimpushana emnyama** *(black powedwery portion)* **sacobhoza sakhotha** *(put some in her mouth)* sase sitshela uSizwe ukuthi **akasondele akhothe** *(asked Sizwe to have some)*.
- USizwe **wazama ukusiziba** *(tried to ignore)* isangoma.
- Ngaleso sikhathi **inxeba likaSizwe** *(his wound)* **lalopha kakhulu** *(bled profusely)*, **omunye umama** *(another woman)* wayesiza **ukumbhandisha** *(bandage dressing)* ingalo eyayilinyazwe nguBhiza ngeduku lakhe *(with her scarf)*.



- Isangoma sezwakala sesisho ngolaka sithi *(she then said)* "**usasele omunye umthakashana**" *(there is still another little witch left here)* sisho uVela *(referring to Vela)*, sabuza ukuthi **uyekelwani engajojwa** *(why was he not dealt with)*.




- Kusenjalo **intombazane esencane** "ijongosi" ogama layo **nguNomusa wasondela** *(approached)* kuSizwe noSenzo.
- UNomusa wabatshela ukuthi **umfana ogwaze** *(the young man who stabbed)* uSizwe **umbonile ekhuluma** *(she saw him talking to)* noVela Mahlase, le ntombazane **yayikhulumela phansi** *(whispered)* **ingafuni ukubonakala** *(did not want to be seen talking to these boys)*.
- USizwe **wacasuka kakhulu** *(extremely angry)*, wakhipha amazwi athi *(and said)* lapho yena **eyohlangana khona** *(where he will meet)* noVela, **uyomlimaza** "uyomenza isilo sengubo" **ngokumdayisa** *(for selling him to)* kosikhotheni basedolobheni.

**ISIVIVINYO 4**

**Funda isiqeshana esithathwe endabeni bese uphendula imibuzo ngendaba.**

> ...UBhiza wabiza isimehlane seSminorff nobhiya ababili ababanda qa. Basincenga kancane isimehlane bexuba nangama-ayisi bezenza izigwili. Amanzi amponjwana angena kancane kancane egazini, baba mnanjana kwaya bagcina sebedakiwe. Baphuma lapho sebekhulumela phezulu, **beqhuba imbuzi**. Base behamba bengena bephuma emagalaji befuna ababekuthunyiwe. **Ucilo wathuka ezishaya endukwini** bazithola izinsimbi ngenani eliphansi elingakholakali. Bazithenga izinsimbi kwasala inqwaba kashintshi.
>
> ***[Sicashunwe ekhasini - 65]***



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

4.1 Bathunywe **ngubani** futhi **bathunyweni** oVela noBhiza?

4.2 Thola **umqondofana** wamagama alandelayo **esiqeshini esingenhla**:

4.2.1 ugologo

4.2.2 izicebi

4.2.3 utshwala

4.3 Chaza lezi **zimo zenkulumo**:

4.3.1 Beqhuba imbuzi

4.3.2 Ucilo wathuka ezishaya endukwini

4.4 **Kungani** uBhiza noVela beye kobona uS'khulu emzini wakhe?

4.5 Yisho **igama lendawo yokucima ukoma** abaphuza kuyo oVela noBhiza, edolobheni.

4.6 Insizwa yeNdiya ethengisa izidakamizwa, **ihlala kuyiphi** indawo edolobheni?

4.7 Le nsizwa idayisa **hlobo luni** lwesidakamizwa?

4.8 Bhala amagama **ezinsizwa ezimbili** ezazime **kulayini** oya eWembezi?

4.9 **Kwakungubani** lo mame owasho la mazwi "Thong' elikhulu! Kukhona abathakashana ababili abafuna ukugila imihlola ibonwe ngamehlo, vumani bo!"

4.10 Wasebenzisa **sikhali sini** ukulimaza uSizwe, uBhiza?

4.11 Chaza **udweshu lwangaphandle** olutholakala erenki yamathekisi. Bhala amaphuzu amane.

4.12 **Kungani** uVela engasahlali kwaNgwane, emzini kadadewabo? Chaza.

4.13 **Nikeza** igama lomyeni kaKhethiwe bese usho ukuthi wenza **msebenzi muni**?

4.14 **Yini** eyenziwa nguKhethiwe kumyeni wakhe, nekhombisa **ukuvuna** umfowabo?

4.15 Funda la mazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60 kuya kwangama-80.**

> Babesathethisana kanjalo ngesikhathi kufika uVela owayelethwe nguBhiza owayehamba ngenye yezimoto zikaS'khulu. Njengoba kwase kunqundeke amehlo , uVela akabonanga ukuthi kwenzeke umonakalo ongaka, wayeza nje iphunga lokusha. ***[Sicashunwe ekhasini- 59]***

4.15.1 UBhiza ubemlande **kuphi** uVela?

4.15.2 Ulimale **kumaphi** amalunga omzimba uVela?

4.15.3 Chaza ukuthi uze uyalimala nje uVela, **bekwenzenjani**?

4.15.4 Ukuhlala kukaVela emzini wakwaNgwane, kube **namuphi umthelela** ebudlelwaneni bukaKhethi nomyeni wakhe? Chaza.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISAHLUKO 5

## UNGWANE UVAKASHELA UMNDENI WAKWAMAHLASE

- Kwase **kunesikhathi eside** *(It's been a while)* **kungekho ukuthula** *(with no peace)* emzini kaMahlase.
- **Okwakucasula kakhulu** "okwakuma emphinjeni" *(what irritated)* uMahlase **kwakungukuvunwa** *(taking of sides)* kukaVela **ngunina** *(by his mother)* uMaZwide.
- **Kuningi ukuganga** *(lot of misconduct)* okwakwenziwa nguVela kodwa **emehlweni kanina** *(in his mother's eye)* uMaZwide **wayenguthunjana wakhe** *(his last born)* **omsulwa** *(was innocent)*. Bonke **ababemsola** *(those who suspected him)* ngokuthile *(about anything)* wayebona sengathi **bayamsukela** *(were just picking on him)*.
## UKUKHULA KUKAVELA NOSIZWE



- UVela noSizwe **babengontanga** *(same age group)*, bekhule ndawonye *(grew up together)* futhi **bengomakhelwane** *(were neighbours)*. Baqala isikole ndawonye **eBhekundi** futhi **babebhukuda ndawonye** *(swam together)* **eMathamo.**



- Babedlala ndawonye **bezakhela izimoto zocingo** *(made cars out of wire)*, **beshisa amaqeleni** ndawonye *(burning veld-fires)* njalo njalo. **Ekukhuleni kwabo** *(as they got older)*, bakhombisa ukwehluka *(turned to differ)* ngoba **bakhetha izindlela** ezazingafani *(chose different routes)*.
- UVela **wakhetha ukuba** *(chose to be)* **yihlongandlebe** *(disobedient)* nokuba **yisigebengu esintshontshayo** *(be a thief)* futhi esibhema izidakamizwa *(substance abuse)*. Uma ebona impilo kaSizwe **wayeba nomona** *(he envied Sizwe's life)* afise sengathi kungaba ngeyakhe.
- Esikoleni **wayengaphasi kahle** "ephasa ngomcacamezelo" *(just made it through to another class)*. Wagcina **esemzonda uSizwe** *(he ended up hating Sizwe)*.
- USizwe wayekhethe **impilo yokuzimela** *(a life of independency)*, wazitholela **amatoho** *(temporary jobs)* ukuze **asize abazali bakhe** *(to assist his parents)* futhi akwazi **ukuzithengela izinto azithandayo** *(bought himself things he liked)* **ngaphandle kokucela** *(without his)* kubazali bakhe. Esikoleni **wayephumelela ngamalengiso** *(he aced his studies)*.
- USizwe wayezibona **engathandeki** "enyamanambana" *(not his favourite / hated)* kuVela kodwa **engazi ukuthi kungani** *(without understanding why)* ayemphatha ngaleyo ndlela "emnyundela".

## UVELA NOBHIZA BASEBEHLALA EMZINI KAS'KHULU

- Ngenxa **yamahloni** *(shame)* nokwesaba **abantu** "umphakathi" ngesenzo sabo, uVela noBhiza **basebecashe** *(were hiding at)* emzini kaS'khulu.
- UVela **wayengasafundi** "esesilaxazile isikole" *(dropped out)* futhi **engasahlali** "wafulathela" *(fled)* eWembezi **ngesikhathi umngani wakhe** *(the day his friend)* ebulala uSizwe **ngesihluku esisabekayo "esinyhantisayo"** *(brutally kill Sizwe)*. Emzini kayise **wagcina ukuya khona** *(he last set foot)* **ngaphambi komngcwabo** *(before the funeral)* kaSizwe nakhona **ekhokhoba** *(not wanting to be seen)* ukuze angabonwa ngabantu ngoba **babemthembise** *(made a promise)* **ukubabulala njengoba** *(to kill him the same way)* nabo benza kuSizwe.
- Nangalolo suku **wayephindisela** *(was returning)* **isibhamu sikayise** *(his father's gun)* okuyiso esasisetshenziswe uBhiza ukubulala uSizwe. US'khulu wayebaphucile nesakhe isibhamu.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

UKUFIHLWA KUKASIZWE



- **Umngcwabo** kaSizwe *(his send off)* **wawuhanjelwe ngabaholi abaqavile** *(was attended by some prominent leaders)* abavela **ezinhlakeni ezahlukene** *(from different sectors)*. **Ikhansela lendawo** *(the ward councillor)* lakhuluma **ngobubi** *(the negative impact caused by)* **bezidakamizwa emiphakathi** *(drugs in their communities)*.
- **Umhloli** *(the school inspector)* owayevela **eMnyangweni wezeMfundo** *(Department of Education)* naye **wakhuluma kabanzi** *(spoke deeply)* ngobugebengu *(about crime)* **osebudlangile ezikoleni** *(that has become a norm in school)*.
- **Wafihlwa ngesikhulu isizotha** *(was laid to rest in dignity)* uSizwe **nomfundisi** *(the pastor)* **owayephethe inkonzo** *(incharge of service)* **wagcizelela** *(emphasised)* ukuthi sekukuningi kakhulu **ukona** *(sins)* emhlabeni. Abafundi besikole sikaSizwe **baphelekezela uzakwabo** *(sent him off)* ngomculo *(with beautiful music)*. Kwaphela kanjalo **ngesahluko sempilo** *(the end of Sizwe's life chapter)*




- UMahlase **wanquma** *(decided)* ukuya **ngenkani emngcwabeni** *(force matters and go to the funeral)* ngoba wayebona ukuthi **uma engayi** *(if he didn't)*, kuzoba sengathi **uvuna** *(he's on Vela's side)* uVela. UKhethiwe **wazama ukumkhuza** *(try to discourage him)* emtshela ukuthi **bazombulalala** kodwa wathi **bazobe beyamsiza** *(they'd be doing him a favour)* ukuze alandele *(so he could go meet)* unkosikazi wakhe "umkakhe".
- Izinsizwa zakwaMkhwanazi **zazimatasa** *(were busy)* azibanga nalo ithuba *(did not have an opportunity)* **lokunaka** *(to pay attention to)* uMahlase.
- **Endaweni** *(in the area)*, Mahlase base **bemkhipha inyumbazane** *(discriminating him)* ngoba bethi **ufuye isigebengu** *(capturing a thug)*. Abanye abantu **babemxwayisa** *(warned him)* ngokuthi **makathuthe** *(to relocate)* endaweni ngoba kuzwakala ukuthi bangase **bamshise nomuzi wakhe** *(burn his house)*, kodwa waphikelela ngokuthi **akazukuya ndawo** *(not going anywhere)*.
- UMahlase **wayeshaya phansi ngonyawo** *(refused)*, ethi yena **akayi ndawo** *(he was going no where)* **usengamane afele** *(would rather die)* khona emzini wakhe.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com



## UKUBOSHWA KUKAVELA NOBHIZA

- Kwathi **ngokuhamba kwesikhathi** *(as the time went buy)* uVela noBhiza babona ukuthi sengathi **abantu sebeyikhohliwe** *(thought people have forgotten)* **indaba yabo** *(about what they did)* banquma *(decided)* **ukuhamba** *(to leave)* emzini kaS'khulu. Bahamba njengabantu **abazobuya** *(who would return)* **uma kuba khona isidingo** *(should a need arise)*.
- Bahlala usuku **lokuqala nolwesibili** *(first and second day)* kubo kaBhiza *(at Bhiza's house)*, uma bebona ukuthi sengathi **akasekho obanakayo** *(no one paid attention to them)* nabo base **beyakhululeka** *(they relaxed)*.
- Kwathi **ngolunye usuku** *(until one day)* besazilalela entathakusa *(while sleeping in the crack of dawn)*, **kwangqongoza** *(there was a knock)* amaphoyisa endlini kaBhiza. Baqala **ngokugoloza** *(resisted)* amaphoyisa agcina ***ekhahlela isicabha*** *(kicked the door open)* *sawela kude le,* ***neklwa*** *(little spear)* likaBhiza **ayelintshontshe** *(he stole)* emzini ayebalekele kuwo layowela laphaya *(fell)*.
- UBhiza **ngaphambi kokuba aboshwe** *(before his arrest)*, amaphoyisa aqale **amshaya** *(they beat him)* **ngezimpama** *(slapping)* aphinde **amkhahlela** *(and kicked him)* nangamabhuzi.
- **Amaphoyisa** "ezikadalawane" *(police)* aphinda abopha uVela **owayesebakaza** *(who seemed confused)* nje uma ebuzwa ukuthi **waxoshwa yini kubo** *(why he flee from his home)* njengoba esehlala emzini yabantu nje.
- USayitsheni **washuka uBhiza amadlebe** *(pinched Bhiza's ears)* **emciphiza nezinzwane** *(stepped on his toes)* ngamabhuzi *(with his boots)*, embuza *(asking)* ukuthi **wasibekaphi isibhamu "ivolovolo"** *(where he stashed the gun)* **abulala ngaso** *(he used to kill)* uSizwe Mkhwanazi.








- UKapteni **wakhuza** *(ordered)* **ukuthi bangashaywa** *(for them not to be beaten)* oVela noBhiza ngoba **umthetho awukuvumi lokho** *(that is against the law)*. **Bafundelwa amacala** *(their charges were read)* abo base **beyofakwa evenini** lamaphoyisa *(in the police van)*.
- **Iveni lamaphoyisa** *(the police van)* lasuka *(drove off)* kubo kaBhiza eNtabamhlophe laqonda *(headed to)* eWembezi kubo kaVela.
- **Iphoyisa elilodwa** *(one officer)* lehla evenini laya **kongqongqozela** *(knocked)* uMahlase ngendlela efanayo *(the same way they did)* elalingqongqoze ngayo endlini kaBhiza *(at Bhiza's house)*.
- **Uma uMahlase ezwa ukungqongqoza** *(when he had the knock)* **okwakufana** *(similar)* nokwenzeka ngesikhathi **kushona umkakhe** umaZwide *(during the passing of his wife)*, **wethuka** *(he panicked)* wabona kungcono ukuba aye **kocasha kuwodilophu** *(hide in the wardrobe)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com



- Wathi noma ekhumbula ukuthi **unesibhamu** *(he had a gun)* angabe **uyasisebenzisa ukuzivikela** *(he could use for protection)* kodwa kwase **kungemuva kwesikhathi** *(it was too late)*, **wanquma** *(decided)* ukuthi kungcono uma befuna ukumbulala **bamthole** *(to find him)* khona kuwodilophu *(hiding inside the wardrobe)*. **Wacasha lapho** *(he hid there)* uMahlase waze wezwa sengathi abantu ababengqongqoza sebehambile *(thought they left)*.
- Uthe **uma ephuma** *(he got out of)* kuwodilophu uMahlase waphinda wabezwa abantu abebengqongqoza kungathi **bayabuya bahamba** *(returning with)* noVela. Wabezwa bekhahlela **isicabha sasendlini** *(heard them kick the door to his room open)* kaVela.
- UMahlase **wayesephiswe ukuchama** *(pressed to wee)* **ngenxa yovalo** *(due to fear)*, waqeda ukuchama **wayothatha isibhamu sakhe** eyokhomba ngaso amaphoyisa ayezosesha umuzi wakhe. **Waqaphela ukuthi** *(he noticed that)* kwase **kuyisekuseni** *(was already in the morning)* waphinde wathi uma **elunguza ngewindi** *(peeped through the window)*, wabona ukuthi **kwakunemoto yamaphoyisa** *(there was also a police van)* eyabe ibhalwe ukuthi eyaseNtabamhlophe. Elinye lamaphoyisa labuza uMahlase ukuthi **ubengavuli ngani** *(why didn't he open for them)* **ngokwedelela** (rudely) waliphendula ngokuthi, **ubengazi ukuthi bangamaphoyisa** "bengizobhula yini" *(didn't know they were real police)*. Wathi uma evula uMahlase, amaphoyisa **angena** *(got in)* emzini wakhe wabona uVela **ayekade amgcina** *(he hasn't seen in a while)*.
- UKapteni **watshela** *(inform)* uMahlase ukuthi **bazosesha emzini wakhe** *(had a search warrant for his house)*. Impendulo kaMahlase yathi bezwe kuthiwa uyisigebengu yini. Wabatshela ukuthi kuhle basho **abakufunayo ukuze abanikeze** *(to say what they wanted so he could give it to them)*.
- **Kwakumjabulisa** "kwathi kla" *(gave him so much relief)*, ukubona amaphoyisa **efika** *(arriving with)* noVela.



  - **Asibhekabheka** *(checked it out)* isibhamu amaphoyisa ebheka umagazini *(bullet casing / magazine)* waso agcina **ngokuvumelana** *(agreed to)* ngokuthi **azohamba nayo** *(to take it with)* **induku yamagwala** *(gun)*, ukuba iye kohlolwa *(to be examined)*.
  - Wabuza uMahlase ukuthi uyobe **esezivikela ngani** *(how was he expected to protect himself)* njengoba **esongelwa** *(as he was threatened)* nje endaweni *(in the area)*, kodwa amaphoyisa athi makasho ukuthi **obani abamsongelayo** *(who the people threatening him were)* **ukuze abhekane nalabo bantu** *(so they would deal with those people)* uma kwenzeka noma yini kuye *(should anything happen to him)*.
- Ngemuva kokuthatha **ivolovolo** likaMahlase ethi **liyohlolwa** *(for assessment)*, amaphoyisa avalelisa ahamba **ngesikhulu isivinini** *(drove off speedily)* noVela noBhiza belokhu beshayisana ngamakhanda khona evenini. Wayezibuza eziphendula uMahlase ngesiphetho sikaVela.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISIVIVINYO 8

**Funda isiqeshana esithathwe endabeni bese uphendula imibuzo ngendaba.**

> "Kwakusele imizuzu emihlanu kubumbane ihora leshumi nomuvo, ngesikhathi iveni yamaphoyisa ima nse. Indoda eyayibukeka iseminyakeni engamashumi amahlanu nengxenye yayihlezi ngaphansi komthunzi wesihlahla esikhulu esasilapha. Yahlahla amehlo le ndoda ithuswa ngukuma kweveni egcekeni lomuzi wayo okokuqala ngqa selokhu yawakha ngesithukuthuku lo muzi. ***[Sicashunwe ekhasini - 119]***

8.1 **Thola amagama** asho **isikhathi** esiqeshini esingenhla.

8.2 **Ngubani isibongo** sendoda ehlezi ngaphansi komthunzi? Bhala **isibongo nezithakazelo ezimbili** zale ndoda.

8.3 **Tomula** igama **elimqondofana** nelithi "yabakwasidlodlo", esiqeshini esingenhla.

8.4 Yayilinganiselwa **eminyakeni emingaki** yobudala indoda ehleli ngaphansi komthunzi?

8.5 Ayelethe **muphi umbiko**, amaphoyisa emzini kaNkwali?

8.6 **Wazithatha kanjani** izindaba zokushona kwendodana yakhe umaXulu?

8.7 **Bhala isithakazelo** sikamaXulu.

8.8 **Chaza** ukuthi bavame **ukwenzani omakhelwane** uma kushoniwe, ngokwesintu?

8.9 Babehlala **kuziphi izindawo** abafowabo bakaNkwali?

8.10 **Ngamaphuzu amathathu**, chaza ukuthi **bavezwe kanjani** abafowabo bakaNkwali.

8.11 Yisho **uhlobo lodweshu** olwababphakathi kukaMahlase nabafowabo bakaNkwali. **Chaza isigameko** esihambisana nodweshu **ngamaphuzu amathathu.**

8.12 **Bacasha kuphi** uBhiza noVela ngemuva kokushona kukaSizwe?

8.13 Nikeza **amagama ezikhulu ezimbili** ezahambela umngcwabo kaSizwe?

8.14 **Bhala incazelo** yalesi sikhathi sosuku, "entathakusa".

8.15 Atheleka **ngasikhathi sini** amaphoyisa kubo kaBhiza? Bhala isikhathi.

8.16 **Chaza** ukuthi **wazizwa kanjani** uMahlase uma kungqongqoza amaphoyisa emzini wakhe, ekuseni?

8.17 **Yini eyathathwa** ngamaphoyisa emzini kaMahlase futhi **ayezoyenza leyonto**?

8.18 Wena **yisiphi isifundo** ositholile kulesi sahluko? **Chaza ngamaphuzu amabili.**

8.19 Sebenzisa amagama **angama-80 ukuya kwayi-100**, ukufingqa okwenzeka kulesi sahluko.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourceza.com

## ISAHLUKO 9

## UKUVELA ENKANTOLO KUKAVELA NOBHIZA



- **Ukuboshwa** *(the arrest of)* kukaVela noBhiza **kwakukhulunywa ngakho yonke indawo** "kwaba yindaba egudwini" *(the talk of the town)*.
- Ngesikhathi **bevela okokuqala** "bezobigelela" *(appearing for the first time)* **enkantolo kaMantshi** *(at the Magistrate court)*, inkantolo **yayigcwele kakhulu** "abantu bengangoZulu eya eMakheni" *(was packed)*.
- **Icala lahlehliswa** *(the trail was postponed)* **ngamasonto amathathu** *(for three weeks)* futhi **abamangalelwa** *(the accused)* ababuzwanga ukuthi **bayalivuma** noma **bayaliphika yini** icala *(they did not have to plead guilty)*.



- **Iningi labantu** *(most people)* **ababekhona enkantolo** *(attending the court)* **kwakuyizingane** *(were students)* ezazifunda noVela noSizwe. Zazibonakala ngamayunifomu azo anombala **obubende** *(maroon uniform)*.
- Izingane zesikole **zaziphethe izingqwembe** *(carrying placards)* ezinemibhalo **edelela** "echwensa" *(with insulting writings to)* **abamangalelwa** *(the accused)*.



- Umndeni wakwaMkhwanazi nawo **wawukhona** *(was there)* uzimele wodwa ubukela umbhikisho *(watching the protest)*. Umfowabo kaMkhwanazi **owayeyisela lemfuyo** *(livestock thief)*, **wayesesemshungwini obhikishayo** *(was amongst the protesting crowd)* naye **egxuma kakhulu** *(and also jumping around)*.
- **Umbhikisho wabafundi** *(the student protest)* **wawuholwa** *(led by)* nguSenzo umngani kaSizwe **ephethe impempe**, ezinye izingane **ziphethe amavuvuzela. Zazicula** "kwakuvunywa ingoma" *(they sang)*.


VUVUZELA

- **Kwakukhona izikhulu** *(the leaders that)* ezazikhona emngcwabeni *(that attended the funeral)* kaSizwe kanye nothisha babekhona. Uthishomkhulu uSotobe naye **wayezimele kujana** *(stood a little further away)*.
- UMahlase akazange **azihluphe ngokuya** *(did not bother going)* enkantolo ngoba ngokwakhe *(according to him)* konke **okwakwenzeka kuVela kwabe kumfanele** *(Vela deserved everything that happened to him)* futhi **kumjabulisa** "kumthokozisa" *(made him happy)*. UKhethi nomyeni wakhe babekhona. US'khulu wafika egqoke **isudi kanokusho** *(wore an expensive suit)*.
- Inkantolo **yakhipha umyalelo** *(issued an order)* wokuba kungene **izihlobo eziseduze** *(only close relatives)* zabamangalelwa *(for the accused)* kanye nothisha.
- UVela noBhiza babethole **abameli bakahulumeni** *(they got state attorneys)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## UVELA UTHOLA IBHEYILI



- Ngemuva **kwenkulumo mpikiswano** *(after a serious debate)* phakathi **kwabameli** *(between the lawyers)* kanye **nomshushisi** *(and the prosecutor).* **IMantshi** *(the Magistrate)* **yanikeza uvela ibheyili** *(gave Vela bail)* ngoba ithi **akukho okwakumhlanganisa** *(nothing directly connects him)* **necala** *(to the case)* ngaphandle kokuthi uBhiza wayengumngani wakhe.
- **Umshushisi wazama ukumcindezela** *(The prosecutor tried to object)* uVela ekutholeni ibheyili ethi *(indicating that)* **angaba yingozi kofakazi** *(he may be of danger to the witnesses)* kodwa **akaphumelelanga** *(did not succeed).* Ummeli kaVela **wachazela inkantolo** *(explained to the court of law)* ukuthi uVela **wayesengummangalelwa** *(was only an accused)* nje kuphela **engakatholakali enecala** *(and not yet convicted)*, ngakho-ke iMantshi kwadingeka ukuba imunikeze ibheyili *(had to give him bail).*
- **Inkantolo yaguqa** *(the court adjourned)* icala kwabikwa ukuthi **liyophinda lihlale** *(was going to sit)* uma **sekutholakele imiphumela** *(once they have the results)* **yokuhlolwa kwesibhamu** *(of the gun assessment)* esathathwa ngamaphoyisa.



- Kwaba **ukuphunyelwa ngaphandle** *(as they got out of the court)* kwenkantolo, uNkwali owayeyisela lemfuyo **wamemezela** *(announced that)* ukuthi uVela **ukhululiwe ngebheyili** *(got released on bail).*
- **Abafundi abayithandanga** *(that did not sit well with the protesters)* leyo ndaba, bathukuthela kakhulu.
- **Bashaya izimpempe** *(they blew the whistles)* kanye namavuvuzela *(and vuvuzelas)* **bephikisana nesinqumo senkantolo** *(as they protest against the decision of the court).*
- **Ababhikishi bavumelana** *(the protesters agreed that)* bathi makalindwe *(they should wait for)* uVela, **babe becula** *(as they sang)* iculo elithi "umshini wami".
- **Iqulu labafundi** *(the group of students)* lase linolaka futhi **lingakhuzeki** *(uncontrollable).* Amaphoyisa athi **uma ebona** *(when they notced that)* ukuthi **ayehluleka** *(they were failing)* agcina ngokubiza uNkwali, isela, uSenzo kanye nothishomkhulu. **Abayalela** *(instructed them to)* **ukuba bahlakaze iqulu** *(disperse the crowd)* **bebanika imizuzu emihlanu** *(in five minutes)* kodwa bababuza ukuthi uma kuhluleke bona bengamaphoyisa bona **bazokwenzani** *(what will they do)*?
- Iphoyisa **elalikhuluma isiZulu kahle** "likhipha isiZulu ngamakhala" *(spoke isiZulu fluently)* lathi uma **behluleka** *(if they can't)* kuyomele **bahambe** "ngenani indlela" *(they should leave).*
- UNkwali nephoyisa **bahilizisana** *(argued)* laze **lamesabisa ngokumbopha** *(threaten to have him arrested)* iphoyisa, kodwa waliphendula ngokuthi **limethusa ngomebuzo wenyoka efile** *(he did not scare that easily)* .



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com




- UNkwali **waqhubeka nokuqophisana** *(continued to argue)* nephoyisa kwaze kwasiza uthishomkhulu **owabamba uNkwali ngengalo** *(held him by the arm)* wamcela **ukuba amhloniphe** *(ask him to be respectful)* ngokuthi **ayeke ukuqophisana nephoyisa** *(and stop arguing with the officer)*.
- Wasuka lapho **waya esixukwini** *(went to join the crowd)*, uNkwali **wafike wacula** "wahuba ingoma" *(sang)* UMSHINI WAMI **nequlu lananela** *(and the crowd echoed)*. Uthishomkhulu wagcina ngokungena emotweni yakhe **wahamba** *(left)* **esehlulekile ukukhuza iqulu** *(after failing to calm the mob)*.
- UNkwali **wayeyithanda into enomsindo/ enochuku** "enothuthuva" *(loved chaos)*. Izingane **zayigxoba itoyitoyi** *(continued to protest)* zaze **zakhumula othayi** *(remove their ties)* **sezibabophele emakhanda** *(and tie them around their heads)*.
- Amaphoyisa ayelokhu **ephakamiselana iminwe** *(signaling each other)*, kuthe uma esephakamisa **iminwe emithathu kwezwakala iphimbo** *(there was a voice)* **elamemeza lathi** *(that screamed)* "SHISANI LEYO MOTO, IZIGEBENGU ZIPHAKATHI!" *(burn that vehicle, the criminals are inside!)*, kushiwo evenini eyayigibele uBhiza noVela.



- UVela naye **wayesevenini** *(was in the police van)* ngoba uKhethiwe **wayengabanga nayo** *(did not have)* **inkulungwane yamarandi** *(a thousand Rands)* **yokumkhokhela ibheyili** *(for bailing him out)* **nomyeni wakhe wanqaba** *(her husband refused)* **ukumboleka** *(to lend her some)*.
- UNgwane **wayejabule ngalokhu** *(was happy about this)* kodwa uKhethiwe, uS'khulu noMshengu bona **babedumele** *(were sad)*.
- Iqulu lazama **ukugingqa imoto** *(tried to turn the car over)* yamaphoyisa eyalithwele uVela noBhiza nokwenza amaphoyisa athukuthela kakhulu **adubula iqulu** *(shot at the mob)* **ngezinhlamvu zenjoloba** *(with rubber bullets)*.




- Amaphoyisa **afutha** *(sprayed)* ababhikishi **ngesisi esikhalisa unyembezi** *(with tear gas)* **bahlakazeka ngokukhulu ukushesha** *(and they quickly despares)*.
- Nesela elinguNkwali **labaleka** "lacela empunzini" *(ran for his life)* kodwa elinye lamaphoyisa **laqhubeka nokujaha** *(chased him)* uNkwali owabaleka **waze wajomba ikhawunta esitolo** *(went over the store counter)* sekhehla "ixhegu" leNdiya.



- Ejahwa yiphoyisa **ngenja** "igovu" *(chased by the police dog)*, uNkwali wabalekela inja waze wangena **endlini encane yabesifazane** *(female assigned toilet)* khona esitolo *(inside the shop)*.
- Wafica uBetty, isalukazi seNdiya *(the old Indian lady)* siqeda ukuzikhulula **sesithi siyagqoka** *(trying to put her clothes on)*. **Sathuka isalukazi** *(old lady got scared)* sicabanga ukuthi uzosidlwengula *(thinking she will be raped)*.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Ikhehla bandla **elingumnini sitolo** *(the shop keeper)* laze **labiza** *(called)* **omunye wabasebenzi balo** *(one of his employees)* uMavis ukuba **azozama ukuvulela** *(to try and open for)* uBetty isicabha.
- **Akumthathanga sikhathi uMavis** *(It did not take long for Mavis)* ukuvula ngoba isicabha savuleka waphuma wabaleka kakhulu *(got out and ran for his life)* uNkwali **waqonda ematekisini** *(ran to the taxi rank and took a taxi to)* ayebheke eMangweni.
- **Ngakolunye uhlangothi** *(on the other hand)* uKhethiwe wayejabulela ukubuka ababhikishi **beshaywa ngamadonkipiri** *(being beaten by the knobkerries)* abanye **bethelwa ngesisi esikhalisa unyembezi** *(others sprayed with tear gas)*.
- **Kwaze kwacasuka uNgwane** *(her husband got angry)* owayemlindile, **wamshiya** *(left her)*. UKhethi wahleka waze wadela.
- **Ngemuva kokuqeda loko** *(when she was done)* wazama ukucabanga ukuthi ngubani **owayengamboleka imali** *(who can lend her the money)* yokugcwalisela ukuze akhiphe ingane kamama wakhe **esitokisini** *(from the police cell)* **sakwaNkomiysasha**. UVela watshela usisi wakhe ukuthi **yayinzima impilo ayeyiphila** *(it was tough)* **esitokisini** *(in the police cell)*.



**INKINGA YOKUTHOLAKALA KWEMALI YOKUBHEYILELA UVELA**



- **Kwasekudlule amasonto ambalwa** *(it's been a couple of weeks)* uVela elokhu **ahlala esitokisini** *(in the prison cell)* ngoba udadewabo engayitholi imali yokuyombheyilela. **Wanquma** *(she decided)* **ukuzidela aye** *(to be brave and go to)* **kubaba wabo** *(to their dad)* **ayocela le mali edingekayo** *(to go and ask for the money needed)* ukuze **uthumbu** kanina *(her mom's last born)* aphume esitokisini.
- UMahlase wajabula ukubona indodakazi yakhe kodwa **inkulumo yabo ayilunganga** *(their conversation did not work out)* ngoba uKhethi **waqala ngokugxeka** *(started with criticising)* ubaba wakhe ngokungabikhona enkantolo **ukuzoseka uVela** *(for not supporting Vela, in court)*.
- UKhethi **wasola** *(blamed)* uyise ngokuthi **uyakujabulela** *(for rejoicing)* ukuthi uVela **usenkingeni** *(being in trouble)*, uyise **wakuqinisekisa lokho** *(he confirmed her suspicions)*.
- Waqhubeka nemibuzo uKhethiwe ebuza ukuthi **yini le engaka** *(what is it)* eyenza uyise **amzonde kangaka** umfowabo *(made him hate her brother so much)*. Wagcina **esebalisa** *(whinning)* ngokuthi **kwakungcono** *(it was better)* kusekhona umama wabo *(when their mom was still alive)* ngoba yena **wayebazwela** *(she sympathised with them)*. Le nkulumo **yamcasula** *(irritated)* uMahlase, wagcina esethi ngabe kungcono ukuba ababulali bomkakhe bathola yena uVela ngoba **uyihlongandlebe**.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Ekugcineni uKhethiwe **wazama** *(tried)* ukucela **amboleke imali** *(to ask that he lend her money),* **ngebhadi** *(unfortunately)* lakhe uMahlase **wasola** *(suspected that)* ukuthi **ufuna ukubheyilela** *(she wanted to use it to bail)* umfowabo **wangamnika** *(refused to give it to her).*
- Wathi **uma ebuzwa** *(when asked)* ukuthi **uzoyenzani imali engaka** *(why she needed so much money)* futhi uzoyibuyisa kanjani *(how was she gonna return it)* **njengoba ebamba amatoho** *(hence she did not have a stable income)* nje **waqamba amanga** *(she lied)* ngokuthi **ifunwa nguNgwane** "ubaba kaMbali" *(she was sent by her husband).*



- UMahlase **wathi atshele** *(sked her to tell)* uNgwane **azizele** *(to come and get it in person)* uma efuna imali nokwavele **kwamqeda amandla** *(she just gave up)* uKhethiwe.
- UKhethiwe wabona uyise **njengendoda** *(as a man)* **enenhliziyo elukhuni** *(with cold heart)* njengoba wagcina engamnikezanga **imali ayeyifuna** *(as he never gave her the money* ***she wanted****).* Wakhumbula ukuthi kunomngani kaVela ambona ngokokuqala enkantolo, wabona kungcono aye koluzama kuye usizo. Wanquma ukumshayela ucingo uS'khulu ngoba wayemnike **inombolo yakhe** *(his number)* **ngosuku** lwenkantolo wamtshela ukuthi amthinte uma enenkinga.

## UKUBUYA KWEMIPHUMELA YOKUHLOLWA KWESIBHAMU



- Uthe engakahambi nebanga elingakanani uKhethiwe esuka emzini kayise kwasala kwafika iveni yamaphoyisa eyayihamba **umdondoshiya** "ungqwazi lwephoyisa" *(a tall and big police officer),* **elazethula lathi** *(that introduced himself as)* **lingumseshi** uZuma *(sergeant Zuma).*
- Iphoyisa **lamazisa** *(informed him)* ukuthi imiphumela *(the results)* yokuhlolwa kwesibhamu **esasithathwe ngamaphoyisa isiphumile** *(for the gun that was taken by the police were out).* Labe selibuza ukuthi **ingabe nguyena yini** *(whether he was)* **uQobolwakhe Mahlase**, lifunda epheshaneni elithile *(reading from a little piece of paper).*
- Waba ukuvuma uMahlase, iphoyisa lamtshela ukuthi **lizombopha** *(was there to arrest him)* ngoba **kuvele** *(it was discovered that)* **ukuthi ngesakhe isibhamu** *(the gun belonged to him)* esabulala uSizwe Mkhwanazi. **Wethuka kakhulu** *(was shocked)* uMahlase watshela iphoyisa ukuthi umuntu owayeboshelwe icala lokubulala yindodana yakhe esejele. Iphoyisa lathi **liyakwazi lokho** *(knew that)* kodwa lizobopha yena **njengomnikazi wesibhamu** *(as the gun owner).*
- Wazama ukwenqaba ukuboshwa, uMahlase kodwa iphoyisa lagcina lisebenzise **indluzula** *(by force)* ukumfaka evenini. UMahlase wayebona sengathi **sekuphelile** *(it was over)* ngaye, izinyembezi zazizehlela. Iveni lahamba laze lafika esiteshini samaphoyisa engakwazi nokuzesula ngoba izandla zakhe zazingemuva. Ukwenza **umthandazo** "umkhuleko" omncane *(a little prayer)* **kwamnikeza isibindi** *(gave him courage)* **sokubhekana nesimo** *(to face the situation).* Umkhuleko kaMahlase wawuthi nje "KONKE NGIKUBEKA KUWE BABA SOMANDLA, NGUWENA OWAZI



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISIVIVINYO 9

**Phendula imibuzo ngesahluko osifundile.**

9.1 **Chaza ukuvezwa** kwalaba balingiswa kanye **nendima** abayidlalayo:

9.1.2 uS'khulu

9.1.3 uKhethiwe

9.1.4 uNzama

9.2 Babegqoka umfaniswano **onombala onjani** abafundi ababebhikisha?

9.3 **Sekela isitatimende** esithi "uNkwali oyisela lemfuyo wayeyithanda into enothuthuva".

9.4 Ummeli wathi **kungani** uVela kufanele athole ibheyili?

9.5 **Thola amagama** alandelayo kulesi sahluko, uwabhale ngesiZulu esihle:

9.5.1 Police cell

9.5.2 Magistrate

9.5.3 The accuse

9.5.4 The prosecutor

9.5.5 Trial

9.6 **Bhala igama lesitokisi** lapho kwakuvalelwe khona uVela.

9.7 **Bazizwa kanjani** ababhikishi ngemuva kwesimemezelo sokuthola ibheyili kukaVela?

9.8 Sekela **isimo senkulumo** esithi "uvuna okutshalile", ubhekise kumlingiswa onguVela.

9.9 Chaza **indikimba yomthetho**, etholakala kulesi sahluko.

9.10 UMahlase **uyindoda ekholelwayo kuNkulunkulu**, YEBO noma CHA? Sekela ngokwenzeka kulesi sahluko.

9.11 Chaza **isisho esithi "Icala lembula ingubo lingene"** ubhekise esigamekweni esehlele uMahlase ekupheleni kwalesi sahluko.

9.12 Amaphoyisa asebenzisa **isihluku ukuhlakaza** iqulu labafundi ababebhikisha. Sekela lesi sitatimende.

9.13 **Bhala amagama elesalukazi nelesisebenzi** basesitolo okwabalekela kuso uNkwali oyisela lemfuyo.

9.14 **Ngamaphuzu amahlanu, fingqa** okwenzeka kulesi sahluko.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISAHLUKO 10

## UKHETHIWE UTHOLA USIZO KUS'KHULU

- UKhethi **wagcina elwenzile uhlelo** *(eventually made a plan)* lokubonana noS'khulu ukuze athole usizo lwemali yokubheyilela umfowabo.
- UKhethi noS'khulu **bahlanganela emzini** *(they met in his house)* kaS'khulu *eGoodhome,* wabe esemnikeza imali **edidekayo** *(needed)*. UKhethi **wathembisa** *(promised)* **ukuyibuyisa imali uma esenayo** *(to return it when she can)*.



- US'khulu uzama **ukuyenga** *(to flirt)* uKhethi, **ugxeka indoda yakhe** *(criticising her husband)* **ngokuba yisehluleki** *(for being a failure)* njengoba ingafunanga ukusiza usibali wayo esenkingeni. Ubiza uNgwane **ngesilwane** *(an animal)* **nangendojeyana** *(and a useless man)* US'khulu utshela uKhethi ukuthi **ufanelwe** *(she deserves)* **yindoda engcono** *(a better man)* naye uKhethi wenza sengathi uyathatheka *(she pretends to fall for his charms)* uthi "Phela mina angiganile ngizihlalele", **ebhixa uS'khulu ngodaka emehlweni** "emkhohlisa" *(lying to him)* .




- UKhethi noS'khulu **bavumelana** *(both agreed)* ngokuthi uma uVela **ephuma ejele** *(on his return from prison)* uzohlala emzini kaS'khulu.
- **Ngakusasa** *(the following day)* uKhethi wavuka **waya enkantolo** *(went to court)* **eyokhokhela umfowabo ibheyili** *(to bail his brother)*. Konke kwahamba kahle noVela wajabula kakhulu **ngomusa** *(for his sister's kindness)* ayewenzelwe ngudadewabo.
- **Okwamangaza** uKhethi kwaba ngukuthi **wayefuna ukubona ubaba** wabo *(to see their father)* futhi **ecabanga** *(he thought)* ukuthi **uzomyisa kubo** *(will take him home)* eWembezi.
- UKhethi **washaya phansi ngonyawo** *(refused)*, etshela uVela ukuthi uyise **akamfuni "uyamzonda"** *(hates him)*. **Wathi noma ethi** *(even when he said)* **uyamkhumbula uyise** *(he misses him)*, kodwa udadewabo **wathi makakhohlwe** *(to forget about)* nguMahlase ngoba **uzoya kohlala emzini kaS'khulu** *(he'll be staying with S'khulu)*.
- Wahlala nangempela uVela kwaS'khulu **ethola yonke into ayifunayo** *(getting everything he needed)* kodwa **wayengasakukhuthalele** *(was no longer keen on)* **ukwenza izinto zobugebengu** *(doing crime)* nokwenza **wangabe esathandeka** *(not to be liked)* kubafana ayehlala nabo kulo muzi.
- US'khulu **wazama ukukhuluma naye** *(tried to speak some sense in him)* emkhumbuza **nangokwakubahlanganisile** *(of what brought them together)*. Ngelinye ilanga uVela **wanquma** *(decided)* ukuthi **ufuna ukuphindela** *(wanted to return)* **emzini kababa wakhe** *(to his father's house)* eWembezi.



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

## ISIPHETHO

## UVELA UPHINDELA EKHAYA



- UVela **wathatha konke okungokwakhe** *(took all his belongings)* emzini kaS'khulu **waphindela emzini kayise** *(returned to his father's house)*. **Wangena** *(he entered)* **esangweni** *(the gate)* lakubo **njengendodana yolahleko** *(just like the prodigal son).*
- Wayengenandaba ukuthi abantu bangakhona babezombuka kanjani ngoba wayefuna ukubona uyise **ukuze azilahle** "axolise" *(in order to apologise)* kuye.
- Wafica **endlini kukhiyiwe** *(the house was locked)* wabonwa **yikhehla** "ixhegu" *(seen by an old man)* **elingumakhelwane** *(neighbour)* wakubo uChiliza elaqala **ngokumthethisa** *(shouted at him)* yena **nodadewabo owayengekho** *(and his sister in her absentia).*
- UChiliza wamxoxela ukuthi uMahlase **waboshwa emasontweni ambalwa edlule** *(got arrested a couple of weeks ago)* washo nokuthi **uze waya komkhokhela imali yebheyili** *(he just got him out on bail)* **ngayizolo** *(the previous day)*, kodwa bathe **uzodedelwa namuhla** *(will be released today).*
- Egcekeni kwakwenile *(the lawn was overgrown)*. UVela **wabona kungcono** *(thought it was best)* ukuba athathe umshini wokugunda utshani **agunde igceke** *(to mow the lawn)* lakubo.



- **Eseqedile ukugunda** *(when he was done)*, uVela **waya kozivalela** *(locked himself)* **endlini yakhe** *(in his room)* **wazibhemela izidakamizwa zakhe** *(smoked his drugs).*
- **Umphakathi wase uzwile** *(the community heard)* ukuthi **ubuyile** *(had returned back)* uVela **waqoqana ngokushesha** *(they gathered quickly)* waqonda kaMahlase **uyohlasela** *(to attack him)* uVela. Wawuphethe **izikhali ezahlukahlukene** *(had different types of weapons)* ezifana ne**mikhonto** *(spears)*, **amatshe** "inhlalisuthi" *(stones)*, **ontshumentshu** *(pointy knives)*, **izimbazo** *(axes)*, **amageja** *(hand-hoes)*, **izipeti** *(spades)* ngisho **namapiki imbala** *(even garden picks).*
- Ikhehla lakwaChiliza lazama **ukwenza amasayini** *(tried to signal)* **okwexwayisa** *(and warn)* uVela ukuthi **kunequlu labantu** *(there was a mob)* **elabe lizomhlasela** *(coming to attack him)* kodwa uVela akaphendulanga *(did not respond)* endlini yakhe.
- Kwaze kwafika uMahlase ephuma ejele. Iqulu lambona lamtshela ukuba **angene ngaphakathi akhiphe indodana yakhe** *(to get his son from inside the house).*
- UMahlase wayesamangazwe *(was still shocked to see)* utshani "ungwengwe" **obabusikwe kahle** *(beautifully cut)* emzini wakhe. Iqulu lamtshela ukuthi lifuna uVela kodwa uMahlase **waphika** *(denied him being there)* ukuthi ukhona ngoba **wayengazi ukuthi ubuyile** *(didn't know he had returned).*
- UMpewshwana nokunguye **owayehamba phambili** *(the ring leader)*, watshela uMahlase ukuthi **uma engamkhiphi** *(if he didn't get him out)* uVela **bazoshisa umuzi wakhe** *(they will burn his house).*



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

- Wathi **uma evula** *(when he opened)* endlini kaVela, uMahlase **wamthola ezilengisile** *(found him hanging)* **eseshonile** *(dead)*. Wabe **esetshela iqulu** *(informed the mob)* ukuthi **nangu ke** *(here he is)* uVela elalimfuna owayeseshonile. Bonke **bahlehla** *(they all retracted)* bayomela kude abanye bavele baphuma ngesango.
- Omunye umfana wamjikijela **ngembokodo yetshe** " itshe elikhulu" *(big stone)* **elamshaya ebusweni** *(that hit him on the face)*. Abantu bahamba **ngamunye ngamunye** *(left one by one)* uMahlase waze wagcina **esesele yedwa** *(left alone)*.
- **Wayebukeka edumele futhi ekhathazekile** *(he looked sad and worried)* ngaphandle kodwa ngaphakathi *(from within)* wayethi ngaze **ngaphumula ekugcineni** "liphume nobomvu" *(felt so relieved)*. Kwabanzima ngisho **ukuphuma konyembezi** *(for a tear to come out)* kuMahlase.

**ISIVIVINYO 10**

**Phendula imibuzo ngesahluko osifundile.**

10.1 Ucabanga ukuthi **isihloko** sale ndaba **siyahambisana** nendaba? Usho ngani?

10.2 Ngokubona kwakho, **ngubani umlingiswa omkhulu** kule ndaba? Sekela.

10.3 **Khuluma ngezindikimba** ezilandelayo, ukhombise ulwazi lwakho lwendaba:

- 10.3.1 Uthando lomzali
- 10.3.2 Ubuhlongandlebe / Abangani ababi
- 10.3.3 Ukuzisola noxolo
- 10.3.4 Ukufa

10.4 UMaZwide noKhethiwe **bebemvuna** *(spoiled)* uVela noma ngabe enzani. Ucabanga ukuthi loku kube **namthelela muni** ekuziphatheni kukaVela?

10.5 Yisho **izinhlobo ezimbili zodweshu** olutholakala endabeni bese **uchaza isigameko** *(an incident)* esihambisana nohlobo lodweshu ngalunye.

10.6 Chaza **isizinda** sale ndaba, ubhale **amaphuzu amabili** ubhekise kulokhu ngakunye:

- 10.6.1 isikhathi
- 10.6.2 indawo
- 10.6.3 isimo senhlalo

10.7 Bhala **izifundo ezitholakala** kule ndaba ubhekise kuloku:

- 10.7.1 Ubudlelwano bentsha nabazali
- 10.7.2 Ukusebenza **kwengalo yomthetho** "amaphoyisa"

10.8 Chaza **lesi simo senkulumo** "uvuna okutshalile / isala kutshelwa sibona ngomopho", ubhekise endabeni.

10.9 Chaza ukuvezwa kwabalingiswa abalandelayo endabeni:

- 10.9.1 UVela
- 10.9.2 UBhiza



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com

10.9.3 UBongiwe

10.9.4 UVovoliyakhipha

10.9.5 UNgwane

10.9.6 US'khulu

10.9.7 USizwe noSenzo

10.9.8 USotobe noMasikane

10.9.9 UmaXulu noMkhwanazi / Abafowabo bakaMkhwanazi

10.9.10 UChiliza

10.10 Ucabanga ukuthi umbhali **uyiphethe kahle le ndaba**? YEBO noma CHA? Sekela.

10.11 Ukube wena ubungumbhali wendaba ethi "ELOKUFA ALITSHELI", **ubungayiphetha kanjani** le ndaba? Bhala **amaphuzu amahlanu.**

10.12 Wena unguVela, usubuya ejele ngemuva kokubheyilelwa ngudadewenu. Namuhla uthola ithuba lokuhlangana nobaba wakho naye obuya ejele ngenxa yakho. **Bhala ingxoxo** phakathi kwenu nobabili uveze **imizwa yenu** ngesimo enikusona. Sebenzisa amagama ayi-**130 kuya kwayi- 180**



Study copy distributed by EduResource ZA | eduresourcza.com